

**Uhlelo Lokuthuthukisa
Izibalo Zebanga R**

**Grade R Mathematics
Improvement Programme**

**Umhlahlandlela
Wemisebenzi: Ithemu 3**

Activity Guide: Term 3



The Grade R Mathematics and Language Improvement Project is an initiative of the **Gauteng Department of Education** and its key partner, the **Gauteng Education Development Trust**.

The development and production of the training and classroom resources for the Grade R Mathematics and Language Improvement Project were made possible by generous project funding from the **United States Agency for International Development** and the **Zenex Foundation**.

The Grade R Mathematics and Language Improvement Project is managed by **JET Education Services** with **UCT's Schools Development Unit** and **Wordworks** as technical partners.

The **Schools Development Unit** (SDU) at the **University of Cape Town** (UCT) is the mathematics technical partner to the Grade R Mathematics and Language Improvement Project. The SDU is a unit within UCT's School of Education that focuses on teachers' professional development in Mathematics, Science, Literacy/Language and Life Skills from Grade R to Grade 12. The SDU offers teacher qualifications and approved UCT short courses, school-based work, materials development and research to support teaching and learning in all South African contexts.

This edition of the mathematics materials has benefitted from collegial engagement with Wordworks colleagues and has been improved by their alignment with the materials of the Language Improvement Programme. It has been enriched by the work of officials of the Gauteng Department of Education's Early Childhood Development and Foundation Phase Curriculum Sub-Directorates at District and Provincial level who have made valuable contributions to the content of the materials and engaged constructively to ensure alignment with provincial policies, practices and values.

ACKNOWLEDGEMENTS

Special thanks to:

- ★ The Gauteng Department of Education Curriculum, Teacher Education and Special Education Directorate officials for their contribution to the adaptation of our materials.
- ★ Colleagues from Wordworks, language technical partners on the Grade R Mathematics and Language Improvement Project, for collaborating on the materials development.
- ★ The Western Cape Education Department (WCED) officials and teachers for their contribution to the successful implementation of the Grade R Mathematics Programme (*R-Maths*) in the Western Cape between 2016 and 2019.
- ★ The *R-Maths* writing team: SDU staff and consultants, and WCED officials.

The Grade R Mathematics Improvement Programme is adapted from *R-Maths*, first published in 2017 by the Schools Development Unit, University of Cape Town. Copyright of *R-Maths* is held by the University of Cape Town.

The Grade R Mathematics Improvement Programme is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 International Licence [Attribution-NonCommercial-ShareAlike].



This licence allows re-users to distribute, remix, adapt, and build upon the material in any medium or format for non-commercial purposes only, and only so long as attribution is given to the creator. If you remix, adapt, or build upon the material, you must license the modified material under identical terms.

To view the full conditions for this licence, visit: <https://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>

Programme conceptualisation and management: Cally Kuhne and Tholisa Matheza

Translation and publishing project management: Arabella Koopman

Editing and proofreading: Ilse von Zeuner, Kathleen Sutton

Illustrations: Jiggs Snaddon-Wood

Typesetting: Jenny Wheeldon

Inside design: Magenta Media

Cover design: Jacqui Botha

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi Zebanga R luyisinyathelo **soMnyango WezeMfundu wesiFundazwe saseGauteng (Gauteng Department of Education)** kanye nomlingani wawo osemqoka, i-Gauteng Education Development Trust.

Ukuthuthukiswa nokukhiqizwa kokuqeleshwa kanye nezinsiza zasekilasini zoHlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi Zebanga R kuphumelele ngenxa yoxhaso olunobubele Iwephrokethi oluphuma kwi-**United States Agency for International Development** kanye ne-Zenex Foundation.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi Zebanga R luhethwe yi-Jet Education Services ehangene ne-Schools Development Unit yase-UCT ne-Wordworks njengabalingani abangochwepheshe ngamakhono athile.

I-Schools Development Unit (SDU) e-**University of Cape Town** (UCT) iwuilingani owuchwepheshe wezibalo kuHlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi Zebanga R. I-SDU iyixene ephakathi ku-School of Education sase-UCT egxile ekuthuthukiseni kobungcweti bothisha eziBalweni, Isayensi, Ukwazi Ukufunda Nokubhala/ Ulimi kanye namaKhono Empilo kusuka Ebangeni R kuya Ebangeni le-12. I-SDU iniyeza iziqu zobuthishela kanye nezfundo zesikhathi esifushane ezivunywe i-UCT, umsebenzi osekewle esikoleni ukuthuthukiswa kwezinto kanye nocwaningo ukuze kusekwe ukufundisa kuzo zonke izimo zaseNingizimu Afrika.

Lokhu kuhlelwa kwezinto zezibalo kuphunyeleliswe ukuhlanganyela nabasebenzi baka-Wordworks kwase kwensiwa ngcono ngokuqondanisa kwabo izinto zoHlelo Lokuthuthukisa Ulimi. Icetshiswe umsebenzi wezikhulu zomkhakha wohlelo IweziFundo wokuThuthukiswa kwaBantwana Abancane kanye nesiGaba esiyisiSekelo ezingeni lesiFunda kanye nelesiFundazwe koMnyango wezeMfundu wesiFundazwe saseGauteng, okuyibona abenze iminikelo ebalulekile kokuqukethwe kwezinto futhi bazibandakanya ngokwakhayo ukuqinisekisa ukuqondana, nemigomo yesifundazwe, okwenziwayo kanye nokungamagugu.

AMAZWI OKUBONGA

Kubongwa ngokukhethekile:

- ★ Izikhulu zomkhakha woHlelo Lwezfundo, Umkhakha Wokufunda kothisha kanye nomkhakha wokuFunda okukhethekile woMnyango WezeMfundu wesiFundazwe saseGauteng, ngokuzinikela kwabo ukulungisa izinsiza kufunda zethu.
- ★ Ozakwethu abaphuma e-Wordworks, abalingani abangongcweti bolimi kuPhrokethi Yokuthuthukisa Izibalo neziLimi ngokuhlangana ekuthuthukuseni izinto.
- ★ Izikhulu kanye nothisha be-Western Cape Education Department (WCED) ngokuzinikela ekuqaleni okuyimpumelelo kwe-Grade R Mathematics Programme (*R-Maths*) eNtshonalanga Kapa phakathi konyaka wezi-2016 nonyaka wezi-2019.
- ★ Iqembu lababhali be-*R-Maths*: Abasebenzi bakwaSDU nabaxhumanisi, kanye nezikhulu zakwaWCED.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R lususelwe ku-*R-Maths*, eyashicilelwu okokuqala ngonyaka wezi-2017 yi-Schools Development Unit, University of Cape Town. Ilungelo lobunikazi be-*R-Maths* liphethwe yi-University of Cape Town.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R luvunyelwe ngaphansi kwe-Creative Commons Attribution 4.0 International Licence [Attribution-NonCommercial-ShareAlike].



Le layisensi ivumela abasebenzisi abasebenzisa kabusha ukusabalalisa, ukuxuba kabusha, ukuvumelanisa, nokwakha phezu kokuqukethwe kunoma iyiphi indlela noma ifomethi ngenjongo okungeyona eyentengiso, futhi uma uzonikezwa umsunguli. Uma uxubanisa kabusha, ushitsha, noma wakhela kokuqukethwe, kufanele unikeze ilayisense enemigomo efanayo.

Ukuze ubone imibandela egcwele yale layisensi, vakashela ku: <https://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>

Ukucatshangwa kanye nokupathathwa kohlelo: Cally Kuhne kanye noTholisa Matheza Umphathi wokuhumusha kanye nokushicilela iphrokethi: Arabella Koopman

Ukuhumusha nokuhlanganisa (Izilimi zesiNguni): Pumeza Ngobozana

Ukuhunyushwa kwesiZulu: Bongi Nzimande

Ukuhlela nokuhlolisiswa kwesiZulu: Bheki Ntuli

Ukuhlela nokuhlolisiswa kwesiNgisi: Ilse von Zeuner, Kathleen Sutton

Imifanekiso: Jiggs Snaddon-Wood

Ukuhlelwa kokuthayipha: Stacey Gibson

Ukudizayinwa kokungaphakathi: Magenta Media

Ukudizayinwa kwekhava: Jacqui Botha

Contents

Introduction.....	6
Content overview: Term 3	18
Week 1	22
Content Area Focus: Patterns, Functions and Algebra	
Week 2	38
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
Week 3	54
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
Week 4	70
Content Area Focus: Space and Shape (Geometry)	
Week 5	86
Content Area Focus: Measurement	
Week 6	102
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
Week 7	120
Content Area Focus: Data Handling	
Week 8	136
Content Area Focus: Space and Shape (Geometry)	
Week 9	152
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
Week 10	168
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
Assessment.....	186
Resources.....	190
Songs, rhymes and stories.....	190
Templates	203

Okuqukethwe

Isingeniso.....	7
Ukubuka konke okuqukethwe: Ithemu 3	19
Isono 1	23
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebhra ('Amaphethini, ukuxhumana kanye ne-Aljebhra')	
Isono 2	39
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
Isono 3	55
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
Isono 4	71
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Indawo Nesimo (Ijiyomethri)	
Isono 5	87
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Isilinganiso	
Isono 6	103
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
Isono 7	121
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Ukusetshenziswa Kolwazi ('Ukuqokelelwana kolwazi lwezibalo')	
Isono 8	137
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Indawo Nesimo (Ijiyomethri)	
Isono 9	153
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
Isono 10	169
Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
Ukuhlola	187
Izinsiza	191
Amaculo, imilolozelo nezindaba.....	191
Amathempulethi.....	203

Introduction

The Grade R Mathematics Improvement Programme (Grade R Maths) is based on a good knowledge of mathematics, an understanding of the progression in the Grade R curriculum, and a realisation that some teaching approaches are better suited to promote particular learning and outcomes.

The Grade R Maths *Activity Guide: Term 3* offers a structure for teaching maths in the third term of Grade R by:

- sequencing the content of each Mathematics Content Area across ten weeks
- providing progression and pacing within the five Content Areas
- focusing on one main Content Area per week (However, topics from other Content Areas may be introduced and practised during that week. Number-related learning and teaching takes place every day and is integrated into all the Content Areas.)
- suggesting activities for whole class, teacher-guided and independent group work.

Features of Activity Guide: Term 3

The following features form part of *Activity Guide: Term 3*:

- A content overview shows the new knowledge and practice focus per week.
- Term, week and Content Area Focus are clearly stated at the beginning of each week.
- Topics, New knowledge and Practise boxes show what will be covered in the week.
- New maths vocabulary to be taught is listed per week.

Topics	New knowledge	Practise
<ul style="list-style-type: none">• Recognise and identify number symbols and number words• Describe, compare and order numbers	<ul style="list-style-type: none">• Number 7• Oral counting: backwards 10–1• Counting objects 1–10	<ul style="list-style-type: none">• Oral counting: forwards 1–20, backwards 7–1• Sequencing numbers 1–6• Two/three more/fewer• Add, take away• Reinforce number concept 1–6
New maths vocabulary		
seven	as many as	difference between

- A list is given of what you need to prepare for each week.
- Tip boxes give ideas and reminders.
- Integration boxes suggest how the maths can be reinforced in other subjects and daily activities during the Grade R daily programme.
- ‘Check that learners are able to’ boxes guide observation and continuous assessment.
- A continuous assessment page is based on the term’s activities.
- Resources and templates are included at the back of the guide.

Grade R Maths in the daily programme

Routine is important and learners enjoy the repetition and feel secure when they know what to do and what is expected of them.

Planning is also important to ensure that the routine runs smoothly. Read the contents for the week and prepare all the materials you will need for each day in advance. Set out the materials for the day beforehand so that everything is ready in the morning.

Grade R Maths suggests a sequence of activities that are repeated daily over a five-day week. Classroom organisation and activities that can be used to teach and reinforce maths concepts are suggested per week. These include:

Isingeniso

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo ZeBanga R (*u-Grade R Maths*) lusekelwe olwazini oluhle Iwezibalo, ukuqonda inqubekelaphambili kwikharikhulamu Yebanga R, kanye nokuqonda ukuthi ezinye izindlela zokufundisa zifanele ukugqugquzelu ukufunda kanye nemiphumela ethile.

Umhlahlandlala Wemisebenzi: Ithemu 3 ka-*Grade R Maths* unikeza uhlaka lokufundisa izibalo kwithemu yesithathu yeBanga R ngalokhu:

- kulandelana okuqukethwe kweZibalo Nolwazi Okugxilwe kulo emasontweni ayishumi
- nikeya inqubekelaphambili kanye nesivinini sokufunda ngaphakathi kweZingxene Zolwazi ezinhlanu
- gxila kwiNgxene Yolwazi eyodwa ebalulekile ngesonto. (Nokho izihloko ezikwezinje iZingxene Zolwazi zingethulwa bese ziyeziwa kulelo sonto. Ukufunda nokufundisa okupathelene nezinombolo kwenzeka zonke izinsuku futhi kudidiyelwe kuzo zonke Izingxene Zolwazi.)
- phakamisa imisebenzi yekilasi lonke, umsebenzi oholwa uthisha nozimele weqembu.

Izimpawu Zomhlahlandlala Wemisebenzi: Ithemu 3

Lezi zimpawu ezilandelayo zakha ingxene yoMhlahlandlala Wemisebenzi: Ithemu 3:

- Ukubuka konke okuqukethwe kukhombisa ulwazi olusha kanye nokugxila kokwenziwayo ngesonto ngalinye.
- Ithemu, isonto kanye neNgxene Yolwazi Okugxilwe Kuyo kubekwe kwacaca ekuqaleni kwesonto ngalinye.
- Amabhokisi Ezihloko, Ulwazi olusha kanye namabhokisi okuZejwayeza kukhombisa ukuthi yini ezokwenziwa ngesonto elilandelayo.
- Ulwazimagama Iwezibalo olusha oluzofundiswa ngesonto nesonto.

Izihloko	Ulwazi olusha	Zejwayeze
<ul style="list-style-type: none">• Bona ubuye uhlonze izimpawu zezinombolo kanye namagama ezinombolo• Chaza, uqathanise, bese uhlala izinombolo	<ul style="list-style-type: none">• Inombolo 7• Ukubala ngomlomo: ukubala uhlelele 10–1• Ukubala izinto 1–10	<ul style="list-style-type: none">• Ukubala ngomlomo: uye phambili 1–20, uhlela 7–1• Ukulandelana izinombolo 1–6• Okubili/okuthathu okungaphezulu/okuyingcosana• Hlanganisa, susa• Ugugxilisa umqondo wezinombolo 1–6

Ulwazimagama olusha olusetshenziswa ezibalweni

isikhombisa okuningi njenga- umehluko phakathi

- Unikeziwe uhlulu lokumele ukulungiselele kwesonto.
- Amabhokisi amacebo anikeza imibono kanye nezikhumbuvi.
- Amabhokisi okudidiyela abonisa ukuthi izibalo zingagxiliswa kanjani kwezinje izifundo neminye imisebenzi yansuku zonke ngesikhathi sohlelo Iwansuku zonke IweBanga R.
- Amabhokisi ka-'Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku-' asiza ukuqaphela nokuhlola okuqhubeckayo.
- Ikhasi lokuhlola okuqhubeckayo lisuselwe emisebenzini yethemu.
- Izinsiza namathempulethi kufakwe ngemuva komhlahlandlala.

U-*Grade R Maths* ohlelwani Iwansuku zonke

Inqubo eyejwayelekile ibalulekile futhi nabafundi bayakujabulela ukuphindaphinda bese bezizwa bevíkelekile uma bazi okumele bakwenze nokuthi kulindelekeni kubona.

Nokuhlunga kubalulekile ukuqinisekisa ukuthi inqubo eyejwayelekile yenzeka kahle. Funda okuqukethwe kwesonto bese ulungisa zonke izinto ozozidinga zosuku ngalunye ngaphambili. Hlunga izinto zosuku ngaphambili ukuze zonke izinto zibe sezilungile ekuseni.

U-Grade R Maths uphakamisa ukulandelana kwemisebenzi ephindaphindwayo ezinsukwini ezinhlanu esontweni. Ukuhleleka kwekilasi nemisebenzi engasetshenziselwa ukufundisa nokugxilisa ulwazi Iwezibalo kuphakanyisiwe ngesonto ngalinye. Lokhu kubandakanya:

Whole class activities per day

- Rhyme or song
- Oral counting
- Counting concrete objects
- Activities and questions linked to Content Area topics

At the end of the whole class activity, show the learners what they will be required to do at their workstations. All the materials they need should be set out so that they can begin working on the activities.



Transitions: moving between activities

Moving between the mat and the workstations is a great time to practise rhythmic counting and fun, creative ways to move, for example, slowly like tortoises, hopping like rabbits, quietly like mice, one by one with their name/picture symbol cards.

Small group activities

- There is one teacher-guided activity per day.
- There are four small group activities per day. These four independent activities (or side activities) should be set out at four **workstations** around the classroom – either at tables where the learners are seated or stand, or on the mat, or outside. The groups rotate to each **workstation** over the course of a week, depending on how the teacher has planned the activities. Remind learners to take turns, share materials and help each other while working.

Tidy-up time


Learners need to know where materials belong. A shelf or table that is dedicated to maths equipment will help learners to be organised. Encourage learners to help each other during tidy-up time. Initially learners will need assistance and you will have to remind them where to put things, but they will soon get into the routine of putting things where they belong.

Choose group leaders and tidy-helpers each week. Give them specific tasks and responsibilities.

Free choice activities

Set out creative, interesting activities that learners can choose from once they have completed their workstation activity. These could include:

- blocks or other construction toys
- puzzles
- playdough
- books in the reading corner
- fantasy play, for example, shopping
- workbook or worksheet pages.



Imisebenzi yekilasi lonke ngosuku

- Umlolozelo noma iculo
- Ukubala ngomlomo
- Ukubala izinto eziphathetekayo
- Imisebenzi nemibuzo exhumene nezihloko zeNgxenye Yolwazi

Ekupheleni komsebenzi wekilasi lonke, khombisa abafundi okuzodingeka bakwenze eziteshini zabo zokusebenzela. Izinto zonke abazidingayo kumele sezilungisiwe ukuze baqale ukwenza imisebenzi.



Ukuguquka: UKusuka komunye umsebenzi uya komunye

Ukusuka ekusebenzeni kumata kanye neziteshi zokusebenzela kukamata neziteshi zokusebenzela kuyisikhathi esihle sokulungiselela ukubala ngesiqqi nangokujabula, izindlela ezinobuciko zokunyakaza, isib. kancane njengofudu, ukugxuma njengonogwaja, buthule njengetgundane, ngamunye ngamunye nekhadi lakhe elinegama/isithombe esiwuphawu lwakhe.

Imisebenzi yamaqembu amancane

- Munye umsebenzi oholwa uthisha ngosuku.
- Mine imisebenzi yamaqembu amancane ngosuku. Le misebenzi emine ezimele (noma imisebenzi esecalen) kumele ibekwe **eziteshini zokusebenzela** ezine ekilasini – kungaba sematafuleni lapho abafundi behleli noma bermile, noma kumata noma ngaphandle. Amaqembu ayashintshana ukuya **esiteshini sokusebenzela** ngasinye kuze kuphele isonto, kuya ngokuthi uthisha uyihlele kanjani imisebenzi. Khumbuza abafundi ukuthi badedelane, babelane ngezinto futhi basizane ngesikhathi besebenza.

Isikhathi sokuqoqa

Kudingeka abafundi bazi ukuthi ezakuphi izinto. Ishalofu noma itafula elabelwe izinto zezibalo lizosiza abafundi ukuba bahleleke. Khuthaza abafundi ukuthi basizane ngesikhathi sokuqoqa. Ekuqaleni abafundi bazodinga usizo, futhi kumele ubakhumbuze ukuthi izinto zibekwaphi, kodwa ngokushesha bazojwayela ukubeka izinto lapho zingezakhona.


Khetha abaholi bamaqembu kanye nabasizi bokuqoqa ngesonto ngalinye. Banike imisebenzi ethize nezibophezel.

Imisebenzi ekhethwe ngokukhululeka

Lungisa imisebenzi yokuziqambela ehehayo, abafundi abangakhetha kuyo uma sebeyiqedile imisebenzi yabo yasesiteshini sokusebenzela.

Lokhu kungabandakanya:

- amabhulokhi noma amanye amathoyizi okwakha
- amaphazili
- inhlama yokudlala
- izincwadi ekhoneni lokufunda
- umdlalo wokuzenzisa, isibonelo, ukuthenga
- ibhuku lokusebenzela noma amakhasi okusebenzela.




Assessment

Observation and continuous assessment during teacher-guided and whole class activities provides opportunities for insights into and a good overview of each learner's progress. This information is important for guiding further teaching and interventions for individual learners. The continuous assessment checklist on pages 186 and 188 of this guide is based on the content that has been taught in Term 3. This template can be used to record each learner's progress during the term.

Grade R Maths in the classroom

Set up an area in the classroom that is dedicated to maths and is near the mat. This is a shared space where learners can contribute to and engage with the topic they are learning about. An ideal maths area will include:

- small table against a wall
- number line made with string and pegs
- daily weather chart
- calendar for each month with blocks for each day
- chart with the names of the days of the week
- daily programme with pictures for the different activities
- learners' name cards and symbols arranged according to their group names
- helpers' symbols to move between learners' names according to each day of the week
- helpers' chart.




Ukuhlola

Ukuqaphela kanye nokuhlola okuqhube kayo ngesikhathi semisebenzi eholwa uthisha neyekilasi lonke, kunika amathuba okuqonda kanye nokubheka kahle inqubekelaphambili yomfundi ngamunye. Lolu lwazi lubalulekile ukuqondisa ukufundisa kuiwa phambili kanye nokungenelela kumfundi ngamunye. Uhlu lokuhlola okuqhube kayo ekhasini 187 no-189 lalo mhlahlandlela lusekelwe kokuqukethwe okufundiswe ngeThemu 3. Le thempulethi ingasetshenziselwa ukuqopha inqubekelaphambili yomfundi ngamunye ngethemu.

U-Grade R Maths ekilasini


Lungisa indawo ekilasini eyabelwe izibalo futhi ibe seduze nomata. Lena indawo yokwabelana lapho abafundi bengahlanganyela futhi bazibandakanye khona nesihloko abafunda ngaso. Indawo elungele itafula lezibalo ingafaka:

- itafula elincane elincike odongeni
- umugqa wezinombolo owenziwe ngentambo namaphekisi
- ishadi lesimo sezulu sansuku zonke
- ikhalenda lenyanga ngayinye, elinamabholokhi osuku ngalunye
- ishadi elinamagama ezinsuku zesonto
- uhlelo lwansuku zonke olunezithombe zemisebenzi ehlukene
- amakhadi amagama abafundi nezimpawu ezhlelwhe ngokwamagama amaqembu abo
- izimpawu zabasizi ezhamba emagameni abafundi ngokosuku lwsonto ngalinye
- ishadi labasizi.



Make a ‘classroom rules’ poster with the learners. Display it where they can easily see it. There should be no more than six or seven rules.

Our classroom rules




Resources for Grade R Maths

Grade R Maths Resource Kit

Grade R Maths provides a kit for learning and teaching maths that provides apparatus for a small group of six to eight learners to use. The kit includes the following items:


- counting materials, for example, coloured discs and sticks, fruit and animal counters, Unifix blocks
- jumbo dice
- strings of ten structure beads
- dot cards
- number cards: number symbols (0–10) and number words (zero–ten)
- attribute blocks.



These should not be the only resources that teachers and learners use during maths activities. Everyday objects from home are ideal for sorting, counting and exploring shapes.

Yenza iphosta 'yemithetho yekilasi' nabafundi. Yiveze lapho bengayibona kalula khona. Kumele kungabi nemithetho engaphezu kweyisithupha noma eyisikhombisa.

Imithetho yekilasi lethu




Izinsiza zika-Grade R Maths

Ikhithi Yezinsiza ka-Grade R Maths

U-Grade R Maths unikeza ikhithi yokufunda nokufundisa izibalo enamamatuluzi angasetshenziswa iqembu labafundi abayisithupha kuya kwabayisishiyagalombili. Ikhithi inalezi zinto ezilandelayo:

- okokubala, isibonelo, izindilinga eziyisicaba ezimbalabala nezinti, izinto zokubala eziyizithelo kanye nezilwane, amabhulokhi axhumekayo
- amadayisi amakhulu
- izintambo zobuhlu obuhlelwwe bayishumi
- amakhadi anamachashazi
- amakhadi ezinombolo: izimpawu zezinombolo (0–10) kanye namagama ezinombolo (ziro–ishumi)
- amabhulokhi ama-athribhuthi.



Lezi zinto akumele kube yizona zodwa izinsiza ezingasetshenziswa othisha nabafundi ngesikhathi semisebenzi yezibalo. Izinto zansuku zonke eziphuma ekhaya zikahle ukuhlunga, ukubala, kanye nokuhlola izimo.

Recycled materials

Store recycled materials in labelled containers with lids (such as: fruit and vegetable packaging, 2-litre ice-cream containers and 500-ml feta tubs). Place the containers on a shelf or somewhere that the learners can reach. Encourage learners to put the objects away during tidy-up time if they have used them at their workstations or during free choice activities. Here are some ideas for maths resources:

- bottle caps and lids (different shapes, sizes and colours)
- different-sized boxes (toothpaste, matchbox, cereal, medicine, packaging)
- plastic containers (500-ml and 1-litre bottles, margarine tubs, 250-ml and 500-ml yoghurt tubs, ice-cream containers, vegetable packaging)
- tubes and cylinders (cardboard toilet roll inners, paper towel inners, foil roll inners, tins)
- egg boxes
- buttons, old keys, plastic spoons, ice-cream sticks, bread packet tags
- variety of balls, beanbags, hula hoops.



Other resources

Other useful classroom resources for Grade R Maths teaching include:

- crayons, paint, glue, scissors
- playdough or modelling clay
- books that can be used for maths discussions
- building blocks and construction toys (collect wood offcuts if necessary)
- a variety of jigsaw puzzles and games, for example, dominoes, snakes and ladders, Ludo, Lotto

Izinto ezivuselelw kabusha

Beka izinto ezivuselelw kabusha ezitsheni ezinamalebulu nezinezivalo (njengalokhu: zinto zokupakisha izithelo nemifino, izitsha zika-ayisikhilim uzingamalitha ama-2 kanye nezitsha zefetha ezingamamilimitha angama-500). Beka izitsha eshalofini noma lapho abafundi bengafinyelela khona. Khuthaza abafundi ukuthi baqoqe izinto ebebezisebenzisa eziteshini zabo zokusebenzela noma ngesikhathi semisebenzi ekhethwa ngokukhululeka. Nanka amanye amasu ezinsiza zezibalo:

- izivalo zamabhodlela nezinye izivalo (izimo ezihlukene ngobungako nemibala)
- amabhokisi obungako obuhlukene (elomuthi wokuxubha, ibhokisi likamentshisi, elamasiriyeli, elomuthi, elokubeka)
- izitsha zepulastiki (amabhodlela angamamilimitha angama-500 nayilitha eli-1, izitsha zemajarini, izitsha zeyogathi ezingama-250 nama-500 amamilimitha, izitsha zika-ayisikhilim, okokubeka imifino)
- amashubhu namasilinda (okwangaphakathi okuyikhadibodi kwephepha lasendlini encane, okwangaphakathi kwephepha eliyithawula, okwangaphakathi kwefoyili, amathini)
- amabhokisi amaqanda
- izinkinobho, okhiye abadala, izipunu zepulastiki, izinti zika-ayisikhilim, amathegi ephakethe lesinkwa
- amabhola ahlukene, izikhwama zikabhontshisi, amahulahuphu.



Ezinye izinsiza

Ezinye izinsiza zasekilasini eziwusizo ekufundiseni u-*Grade R Maths* zibandakanya:

- amakhrayoni, upende, iglu, isikel
- inhlama yokudlala noma ubumba lokubumba umfanekiso
- izincwadi ezingasetshenziswa uma kuxoxiswana ngezibalo
- amabhulokhi okwakha namathoyizi okwakha (qoqa okunqunywe okhunini uma kudingekile)
- amaphazili ahlukene anezingxenye ezigobile nemidlalo, isibonelo, amadomino, umdlalo wezinyoka namalada, i-Ludo, i-Lotto


- height chart
- jumbo playing cards
- pretend money: coins and notes (to use in a play shop)
- large analogue wall clock
- balance scale
- beads for sorting, threading and patterning
- equipment for sand and water play
- apparatus for climbing, balancing, swinging and skipping.

The Grade R Maths Poster Book

There are eleven posters in the Grade R Maths Poster Book. The posters present familiar contexts that learners can relate to that capture some aspect of maths, for example, in the classroom, on the playground, and in the kitchen. The posters are intended to stimulate interest and discussion on maths topics, including: number, patterns, space and shape, sequencing of time and measurement. The posters can be used to engage learners in critical thinking and reasoning. They are perfect for developing problem-solving skills and for maths investigations.

Teachers can encourage learners to discuss the posters and share their thinking by asking questions to guide them in focusing on a particular aspect of the poster, for example:

- What do you see in the picture?
- Where do you think the children/people are?
- What is happening in the picture?
- Can you tell me a story about the picture?
- How many ... can you see? What if there was one more/fewer ...?
- Where is the ...?
- What would happen if ...?
- What do you think will happen next?
- What do you think ... can see from where they are standing?
- What pattern can you see? Describe the pattern.
- What shapes can you see?
- Which ... is the tallest/shortest?
- Can you use any maths words to describe something in the picture?




- ishadi lobude
- amakhadi amakhulu okudlala
- imali yokudlala: imali ewuhlweza kanye nengamaphepha (ukukusebenzisa esitolo sokudlala)
- iwashi elikhulu lasodongeni elinezinti
- isikali sokulinganisa
- ubuhlalu bokuhlela, ukuchushisa kanye nokwenza amaphethini
- impahla yokudlala enhlabathini nasemanzini
- izinto zokugibela, ukulinganisa, ukuzwinga kanye nokudlala ingqathu.

Ibhuku Lamaphosta le-Grade R Maths

Ayishumi nanye amaphosta eBhukwini
Lamaphosta le-Grade R. Amaphosta aveza izimo ezijwayelekile abafundi abangaziqonda ezifaka okuthile kwezibalo, isibonelo, ekilasini, enkundleni yokudlala, kanye nasekhishini. Amaphosta ahlose ukukhuthaza uthando nokuxoxa ngezihloko zezibalo, kubandakanya: inombolo, amaphethini, indawo nesimo, ukulandelanisa isikhathi, kanye nesilinganiso. Amaphosta angasetshenziswa ukubandakanya abafundi ekucabangeni okunzulu nokubonisana. Alungele kakhulu ukuthuthukisa amakhono okuxazulula izinkinga kanye nokuphenya ngezibalo.

Othisha bangagquqquzelu abafundi ukuthi baxoxe ngamaphosta babelane ngabakucabangayo ngokubuza imibuzo ukubahola ukuba bagxile ophawini noma esicini esisodwa sephosta, isibonelo:

- Ubonani esithombeni?
- Ucabanga ukuthi zikuphi izingane/abantu?
- Kwenzekani esithombeni?
- Ungangioxela indaba ngesithombe?
- Zingaki izi-... ozibonayo? Kungenzekani uma kukhona i-... eyodwa ngaphezulu/ngaphansi kwalokhu?
- Ikuphi i-...?
- Kungenzekani uma ...?
- Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani emva kwalokhu?
- Ucabanga ukuthi ... bangabona lapho bemi khona?
- Iliphi iphethini olibonayo? Chaza iphethini.
- Iziphi izimo ozibonayo?
- Iyiphi ... ende kakhulu/emfushane kakhulu?
- Ungawasebenzisa noma yimaphi amagama ezibalo ukuchaza into esesithombeni?



Content overview: Term 3

Note: Content Area Focus and New knowledge are in green. Other content covered in the week is in grey.

Content Area Focus	Week 1	Week 2	Week 3	Week 4	Week 5
1. Numbers, Operations and Relationships	Oral counting: forwards 1–20, backwards 7–1 Counting objects 1–7	Number 6 Two/three more/fewer Equal groups Counting on Oral counting: forwards 1–20, backwards 7–1 Counting objects 1–7 Sequencing numbers 1–5 Reinforce number concept 1–5	Number 7 Oral counting: backwards 10–1 Counting objects 1–10 Oral counting: forwards 1–20, backwards 7–1 Sequencing numbers 1–6 Two/three more/fewer Add, take away Reinforce number concept 1–6	Oral counting: forwards 1–20, backwards 10–1 Reinforce number concept 1–7	Oral counting: forwards 1–20, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Two/three more/fewer Equal groups
2. Patterns, Functions and Algebra	Copy vertical and horizontal patterns using concrete objects Create and explain own pattern with three or four colours/shapes, etc. Identify patterns Copy and extend patterns				
3. Space and Shape (Geometry)				Shapes: rectangle Direction: left, right Position: middle, bottom Sort objects according to two attributes Eighteen-piece puzzles Shapes: circle, square, triangle Symmetry	
4. Measurement					Mass Light, lighter, lightest Heavy, heavier, heaviest Bigger, smaller
5. Data Handling					

Ukubuka konke okuqukethwe: Ithemu 3

Qaphela: Ingxeny Ye Yolwazi Okugxilwe Kuyo Kanye noLwazi olusha kuwumbala oluahlaza. Okunye okuqukethwe okuzokwenziwa ngesonto kubhalwe ngokumpunga.

Ingxeny Ye Yolwazi Okugxilwe Kuyo	Isonto 1	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4	Isonto 5
1. Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	Ukubala ngomlomo: kuyiwa phambili 1–20, kuhlehlwa 7–1 Kubala izinto 1–7	Inombolo 6 Kubili/kuthathu kuningi (ngaphezulu)/ kuyingcosana Amaqembu/ amaqoqo alinganayo Ukubala uqhubek Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 1–20, ukuhlehlha 7–1 Ukubala izinto 1–7 Ukulandelanisa izinombolo 1–5 Ukugxilisa ulwazi lwezinombolo 1–5	Inombolo 7 Ukubala ngomlomo: ukubala uhlehlha 10–1 Ukubala izinto 1–10 Ukubala ngomlomo: uye phambili 1–20, uhlehlha 7–1 Ukulandelanisa izinombolo 1–6 Okubili/okuthathu okungaphezulu/ okuyingcosana Hlanganisa, susa Ukugxilisa umqondo wezinombolo 1–6	Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 1–20, ukubala uhlehlha 10–1 Ukugxilisa ulwazi lwezinombolo 1–7	Ukubala ngomlomo: phambili 1–20, ngokuhlehlha 10–1 Ukubala izinto 1–10 Kubili/kuthathu kuningi (ngaphezulu)/ kuyingcosanyana Amaqembu alinganayo
2. Amaphethini, Amafankshini kanye ne- Aljebhra (‘Amaphethini, ukuxhumana kanye ne- Aljebhra’)	Kopisha amaphethini amile mpo navundile usebenzisa izinto ezithintekayo Dala futhi uchaze iphethini lakho elinemibala/elinezimo ezintathu noma ezine, njalonjalo Hlonza amaphethini Kopisha bese welula amaphethini				
3. Indawo Nesimo (Ijiyomethri)				Isimo: unxande Inkomba: kwesokunxele, kwesokudla Isikhundla/ukuma: maphakathi, ngezansi Hlunga izinto ngokwama- atribhuthi amabili Amaphazili ayizingcezu eziyiishumi nesishiyagalombili Izimo: indilinga, isikwele, unxantathu Ukuvumelanisa	
4. Isilinganiso					Isisindo Lula, lula kancane (ludlana), lula kakhulu Sinda, sinda kakhudlwana, sinda kakhulu Kukhudlwana, kuncanyana
5. Ukusetshenziswa Kolwazi (‘Ukuqqelelw kolwazi lwezbalo’)					

Content Area Focus	Week 6	Week 7	Week 8	Week 9	Week 10
1. Numbers, Operations and Relationships	Number 8 Ordinal numbers: fifth, last, next Oral counting: forwards 1–20 and beyond Oral counting: forwards 1–20, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–7 Ordinal numbers first to fifth Add, take away Two/three more/fewer Reinforce number concept 1–7	Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Two/three more/fewer More, fewer, equal	Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1 Counting objects 1–10	Money – recognise banknotes Problem solving 1–8 Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–8 Ordinal numbers first to fifth Reinforce numbers 1–8 Add, take away Coins	Grouping, half Up to three more (using dot cards) Order collections from smallest to biggest Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–8 Problem solving 1–8 Reinforce number concept 1–8 More, fewer, most, least, equal Two/three more/fewer
2. Patterns, Functions and Algebra					
3. Space and Shape (Geometry)			Position of objects in relation to each other Arrow chart Copy and build a construction (picture cards) Shapes: circle, square, triangle, rectangle Boxes, balls Midline crossing Position: forwards and backwards		
4. Measurement				Big, small	
5. Data Handling		Draw a picture to represent data Collect, sort and represent collection of objects			

Ingxene Yolwazi Okugxilwe Kuyo	Isonto 6	Isonto 7	Isonto 8	Isonto 9	Isonto 10
1. Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	<p>Inombolo 8 Izinombolo ezisho isikhundla: okwesihlanu, okokugcina, okulandelayo</p> <p>Ukubala ngomlomo: uye phambili 1–20 nangaphezulu</p> <p>Ukubala ngomlomo: phambili 1–20, ukubala uhlehlala 10–1</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Ukulandelanisa izinombolo 1–7</p> <p>Izinombolo ezisho isikhundla sokuqala kuya kwesihlanu</p> <p>Hlanganisa, susa Kubili/kuthathu, kuningi (kungaphezulu)/ kuyingcosane (kungaphansi)</p> <p>Gxilisa umqondo wezinombolo izinombolo 1–7</p>	<p>Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 1–20 nangaphezulu, ukuhlehlala 10–1</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Kubili/kuthathu kuningi/ kuyingcosana</p> <p>Kuningi, kuyingcosanyana, kuyalingana</p>	<p>Ukubala ngomlomo: uya phambili 1–20 nangaphezulu, ukubala uhlehlala 10–1</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Ukulandelanisa izinombolo 1–8</p> <p>Izinombolo ezisho isikhundla okokuqala kuya kokwesihlanu</p> <p>Ukugxilisa izinombolo 1–8</p> <p>Hlanganisa, susa Izinhlamvu zemali</p>	<p>Imali – bona imali engamaphepha</p> <p>Ukuxazulula izinkinga 1–8</p> <p>Ukubala ngomlomo: uye phambili 1–20 nangaphezulu, ubale uhlehlala 10–1</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Ukulandelanisa izinombolo 1–8</p> <p>Izinombolo ezisho isikhundla okokuqala kuya kokwesihlanu</p> <p>Ukugxilisa izinombolo 1–8</p> <p>Hlanganisa, susa Izinhlamvu zemali</p>	<p>Ukwenza amaqoqo, uhhafu</p> <p>Kufike kokuthathu ngaphezulu (usebenzisa amakhadi anamachashazi)</p> <p>Ukuhlela amaqoqo kusukela kokuncane kakhulu kuya kokukhulu kakhulu</p> <p>Ukubala ngomlomo: uye phambili 1–20 nangaphezulu, uhlehlala 10–1</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Ukulandelanisa izinombolo 1–8</p> <p>Ukugxilisa izinombolo 1–8</p> <p>Ukuxazulula izinkinga 1–8</p> <p>Ukugxilisa ulwazi lwezinombolo 1–8</p> <p>Okuningi, okuyingcosana, okuningi kakhulu, okuncane kakhulu, okulinganayo</p> <p>Kubili/kuthathu okuningi (ngaphezulu)/ okuyingcosana</p>
2. Amaphethini, Amafankshini kanye ne- Aljebhra (‘Amaphethini, ukuxhumana kanye ne- Aljebhra’)					
3. Indawo Nesimo (Ijiyomethri)			<p>Isikhundla sezinto ngokuhlobana kwazo nezinye</p> <p>Ishadi lemicibisholo</p> <p>Kopisha bese wakha isakhiwo (amakhadi ezithombe)</p> <p>Izimo: indilinga, isikwele, unxantathu, unxande</p> <p>Amabhokisi, amabhola</p> <p>Umugqa wamaphakathi (ohlukanisayo)</p> <p>Isikhundla: ukuya phambili nokuya emuva</p>		
4. Isilinganiso				Okukhulu, okuncane	
5. Ukusetshenziswa Kolwazi (‘Ukuqqokelelw kolwazi lwezibalo’)		<p>Dweba isithombe ukumela ulwazi olutholakele</p> <p>Qoqa, hlunga bese wethula iqoqo lezinto</p>			

Content Area Focus: Patterns, Functions and Algebra

Topics	New knowledge	Practise
<ul style="list-style-type: none"> Geometric patterns: create, copy and extend patterns 	<ul style="list-style-type: none"> Copy vertical and horizontal patterns using concrete objects Create and explain own pattern with three or four colours/shapes, etc. 	<ul style="list-style-type: none"> Oral counting: forwards 1–20, backwards 7–1 Counting objects 1–7 Identify patterns Copy and extend patterns

New maths vocabulary

describe
explain

extend
follow

missing
not a pattern

Getting ready

For the activities this week, you will need to prepare the following:

- Unifix blocks put together in a repeating pattern to make a train
- piece of A3 paper to create a train tunnel
- pattern card with colour dots
- a cloth/towel
- 4 groups of instruments – 1 per learner
- 6 large pieces of fruit made from playdough (2 each of 3 different types of fruit)
- 8 Unifix pattern cards
- 8 'What's missing?' attribute block pattern cards
- rectangular strips of coloured paper pasted in a pattern on a sheet of paper: rectangle shapes in two sizes – 5 per learner of tall and short
- pattern cards with incomplete colour patterns in each row (two or three colours)



- paper flower petals and leaves (16 of each per learner)
- flower pattern cards
- dominoes.

Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebhra

Izihloko	Ulwazi olusha	Zejwayeze
<ul style="list-style-type: none"> Amaphethini ejiyomethri: dala, kopisha bese welula amaphethini 	<ul style="list-style-type: none"> Kopisha amaphethini amile mpo navundlile usebenzisa izinto ezithintekayo Dala futhi uchaze iphethini lakho elinemibala/elinezimo ezintathu noma ezine, njalonjalo 	<ul style="list-style-type: none"> Ukubala ngomlomlo: kuyiwa phambili 1–20, kuhlehlwa 7–1 Kubala izinto 1–7 Hlonza amaphethini Kopisha bese welula amaphethini

Ulwazimagama olusha olusetshenziswa ezibalweni

chaza chazisia	yelula landela	okulahlekile/okungekho akulona iphethini
-------------------	-------------------	---

Ukulungiselela

Emisebenzini yaleli sonto, uzodinga ukulungisa lokhu okulandelayo:

- amabhulokhi axhumekayo abekwe ndawonye ephethinini eliphindayo ukwakha isitimela
- ucezu lwephewha elingu-A3 ukwenza imbaboo yesitimela
- ikhadi lamaphethini elinamachashazi emibala
- indwangu/ithawula
- amaqoqo ama-4 ezinsimbi zomculo – e-1 ngomfundu ngamunye
- izingcezu ezinkulu eziyisi-6 zezithelo ezenziwe ngenhlama yokudlala (ngazi-2 ngezithelo eziyizinhlobo ezi-3 ezechlukene)
- amakhadi ayisi-8 amaphethini axhumekayo
- amakhadi ayisi-8 angamaphethini ka-'Yini engekho' amabhulokhi angama-athribhuthi
- imidweshu engonxande yamaphewha amibalabala ananyathiselwe enziwa iphethini ekhansi lephepha: izimo ezingonxande ngobukhulu obubili – zibe yisi-5 kumfundu ngamunye, zixube ezinde nezimfushane
- amakhadi anamaphethini anemibala yamaphethini engaphelelele emqgeni ngamunye (imibala emibili noma emithathu)
- amagqebe ezimbali namaqabunga ephepha (okuyi-16 ngakunye kumfundu ngamunye)
- amakhadi anamaphethini ayizimbali
- amadomino.



Whole class activities

Day 1

What you need

- Unifix blocks
- Unifix pattern train
- Piece of A3 paper to create a train tunnel



TIP
Ask the learners if they can remember what number they were counting to before they went on holiday, and what number they were counting backwards from.

1. **Song:** Learners sing a song of their choice from previous terms.
2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.
3. **Counting objects 1–7:** Show learners a Unifix tower made of seven blocks.
Guiding questions:
 - ★ How many blocks do you think make up this tower?

Learners estimate the number of blocks. Remove the blocks one at a time as learners count them.
4. **What makes a pattern:** Place the Unifix pattern train inside the tunnel. Pull the train out slowly and ask learners to notice what pattern emerges.
Guiding questions:
 - ★ What do you see?
 - ★ What colour block do you think will come out of the tunnel next? Why?
 - ★ Is this a pattern? What makes it a pattern?

Draw the learners' attention to the repeating part which makes the pattern.

Make another train with Unifix blocks that does not have a pattern. Repeat the activity with the train and the tunnel.

Guiding questions:

 - ★ Is this a pattern? Tell me why you think that.
 - ★ Can you see any patterns in the classroom?



TIP Place the tunnel in the block area and encourage learners to make their own pattern trains.



Learners go on a pattern walk outside and discuss patterns.

- ★ Can you see a pattern? Tell me about it.
 - ★ Is there a pattern on the ...?
 - ★ What makes it a pattern?
 - ★ What part of the pattern repeats?
 - ★ Can you hear any patterns? Tell me what you hear.
5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Imisebenzi yekilasi lonke

Usuku 1

Okudingayo

- Amabhulokhi axhumekayo
- Isitimela esiyiphethini elixhumekayo
- Ucezu Iwephepha elingu-A3 ukwakha imbobo yesitimela



Buza abafundi ukuthi kambe bayakhumbula yini ukuthi iyiphi inombolo ababebala bafike kuyo ngaphambi kokuya eholidini, nokuthi iyiphi inombolo ababebala bahlele besukela kuyo.

1. **Iculo:** Abafundi bacula iculo abazikhethole lona emathemini adlule.

2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 kanye no-7–1.

3. **Ukubala izinto 1–7:** Khombisa abafundi umbhoshongo oxhumekayo owenziwe ngamabhulokhi ayisikhombisa.

Imibuzo ekuholayo:

★ Mangaki amabhulokhiocabanga ukuthi akha lo mbhoshongo? Abafundi balinganisela inani lamabhulokhi. Susa amabhulokhi ngalinye ngalinye ngesikhathi abafundi bewabala.

4. **Okwenza iphethini:** Faka isitimela esiyiphethini elixhumekayo phakathi embotsheni. Donsa ukhiphe isitimela kancane bese utshela abafundi ukuthi baqaphele ukuthi yiliphi iphethini elidalekayo.

Imibuzo ekuholayo:

★ Ubonani?
★ Ucabanga ukuthi yibhulokhi lambala muni elizolandela ukuphuma embotsheni? Usho ngani?
★ Ngabe yiphethini leli? Yini eyenza kube yiphethini?
Qaphelisa abafundi ingxene ephindekayo eyakha iphethini.
Yakha esinye isitimela ngamabhulokhi axhumekayo angenalo iphethini.
Phinda umsebenzi ngesitimela kanye nembo.

Imibuzo ekuholayo:

★ Yiphethini leli? Ngitshole ukuthi kungani ucabanga kanjalo.
★ Akhona amaphethini owabonayo ekilasini?



Beka imbobo endaweni yamabhulokhi bese ugqugquzelabafundi ukuthi bakhe ezabo izitimela zamaphethini.

Abafundi bahamba ngephethini elithile ngaphandle bese bexoxa ngamaphethini.

★ Uyalibona yini iphethini? Ngitshole ngalo.
★ Likhona iphethini e-...?
★ Yini eyenza kube iphethini?
★ Iyiphi ingxene yephethini ephindekayo?
★ Akhona amaphethini ovezwayo? Ngitshole okuzwayo.

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Day 2



Remember to talk about the daily programme.
Remember to do the calendar, days of the week, months of the year and birthday chart each day.

What you need

- Rhyme: *It's pattern time* (page 190)
- Pattern card with colour dots

1. **Rhyme:** Say the first verse of the rhyme, *It's pattern time*.
2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.
3. **Counting objects 1–7:** Learners count from 1 to 7 while clapping hands with a partner.
4. **Sound patterns from visual patterns:** Show learners the pattern card. Point to each dot and together say the colours. Discuss the pattern.

Guiding questions:

- ★ Can you see the pattern?
- ★ Tell me about the pattern.
- ★ What part of the pattern repeats?
- ★ What will come next in the pattern?

Learners use the visual pattern to make a sound pattern, for example, clap hands for red, snap fingers for yellow.

- ★ What sound should we make on the red/yellow circle?
- ★ What sound should come next?
- ★ What other sounds would you like to make?

Learners suggest other sound pattern ideas, using the same pattern card.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 3

What you need

- Rhyme: *It's pattern time* (page 190)
- 6 large playdough fruit
- Cloth/towel

1. **Rhyme:** Say the first and second verses of the rhyme, *It's pattern time*, with actions.
2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.
3. **Counting objects 1–7:** Use chalk to draw a straight line on the floor. Five learners stand on one side of the line.

Guiding questions:

- ★ How many learners are there?
- ★ If we add one more learner how many will there be?
- ★ And one more learner?
- ★ What should we do if we want only four learners?

Usuku 2



Khumbula
ukukhulumu ngohlelo
lwansuku zonke.
Khumbula ukwenza
ishadi lekhalenda,
izinsuku zesonto,
izinyanga zonyaka
nezinsuku zokuzalwa
ngosuku ngalunye.

Okudingayo

- Umlolozelo: *Yisikhathi samaphethini* (ikhasi 191)
- Ikhadi lamaphethini elinamachashazi anemibala

1. **Umlolozelo:** Yisho ivesi lokuqala lomlolozelo, *Yisikhathi samaphethini*.
 2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.
 3. **Ukubala izinto 1–7:** Abafundi babala kusuka koku-1 kuya kokuyisi-7 ngesikhathi beshaya izandla nomlingani.
 4. **Amaphethini emisindo asuka emaphethinini abonakalayo:**
Khombisa abafundi ikhadi lamaphethini. Khomba ehashazini ngalinye bese, kanyekanye nisho imibala. Xoxisanani ngephethini.
- Imibuzo ekuholayo:**
- ★ Uyalibona iphethini?
 - ★ Ngitshele ngephethini.
 - ★ Iyiphi ingxenye yephethini ephindekayo?
 - ★ Yini ezolandela ephethinini?
- Abafundi basebenzisa iphethini elibonakalayo ukwenza iphethini lomsindo, isibonelo, shaya izandla ngokubomvu, qhafaza iminwe ngokuphuze.
- ★ Yimuphi umsindo okumele siwenze endilingeni ebomvu/ephuzi?
 - ★ Yimuphi umsindo okumele ulandele?
 - ★ Yimiphi eminye imisindo ongathanda ukuyenza?
- Abafundi baphakamisa eminye imibono yamaphethini omsindo, besebenzisa ikhadi lamaphethini elifanayo.
5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 3

Okudingayo

- Umlolozelo: *Yisikhathi samaphethini* (ikhasi 191)
- Indwangu/ithawula
- Izithelo ezinkulu zenhlama yokudlala eziyisi-6

1. **Umlolozelo:** Yisho ivesi lokuqala nelesibili lomlolozelo, *Yisikhathi samaphethini*, wenze neminyakazo.
 2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.
 3. **Ukubala izinto 1–7:** Sebenzisa ushoki ukudweba umugqa oqondile phansi. Abafundi abahlanu mabame ecaleni elilodwa lomugqa.
- Imibuzo ekuholayo:**
- ★ Bangaki abafundi abakhona?
 - ★ Uma sengeza ngomunye umfundu oyedwa, bazoba bangaki?
 - ★ Uma sengeza ngomunye umfundu-ke?
 - ★ Singenzani uma sifuna abafundi abane kuphela?



4. **Identifying the missing part of a pattern:** Use the playdough fruit to create a pattern. Together point to each item and say the pattern.

Guiding questions:

- ★ What comes next?
- ★ What is the pattern?

Cover the fruit with a cloth and remove one piece of fruit. Remove the cloth.

- ★ Which fruit is missing from the pattern?
- ★ What kind of fruit should come next in the pattern? Why?

Repeat the activity several times, removing fruit from different parts of the pattern and/or increasing the number of fruit that are missing each time.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 4

What you need

- Rhyme: *It's pattern time* (page 190)
- 4 groups of instruments – 1 per learner



If you do not have instruments, use blocks, tins, sticks and pieces of paper to flick, or learners can use their bodies, for example, stamp their feet on the floor or slap their legs.

1. **Rhyme:** Say the rhyme, *It's pattern time*.

2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.

3. **Counting objects 1–7:** Learners fetch instruments. All the learners with the same kind of instrument sit in a group. Play seven beats on a drum.

Guiding questions:

- ★ How many beats did you hear?
- ★ How do you know?

Starting with 1, each group makes one more beat than the previous group, until one group gets to 7.



4. **Rhythm patterns:** Divide learners into groups. Give each group a different musical instrument. The groups make sounds with their instruments and describe these sounds. Then they compare the sounds that the different instruments make.

Guiding questions:

- ★ What does your instrument sound like?
- ★ Can you make a soft/loud sound; a fast/slow sound?
- ★ How do the instruments sound the same/different?



4. **Ukuhlonza ingxene engekho yephethini:** Sebenzisa izithelo zenhlama yokudlala ukuqamba iphethini. Nindawonye khombani into ngayinye bese nisho iphethini elikhona.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Yini elandelayo?
- ★ Yini iphethini elikhona?

Mboza izithelo ngendwangu bese ususa isithelo esisodwa. Yembula indwangu.

- ★ Yisiphi isithelo esingekho ephethinini?
- ★ Nhloboni yesithelo okumele silandele ephethinini? Usho ngani?

Phinda umsebenzi izikhathi eziningana, ude ususa izithelo ezingxenyeni ezehlukene zephethini futhi/noma ukhulise inani lezithelo ezingekho ngaleso naleso sikhathi.

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 4

Okudingayo

- | | |
|--|---|
| • Umlolozelo: <i>Yisikhathi samaphethini</i> (ikhasi 191) | • Amaqoqo ama-4 ezinsimbi zomculo – elilodwa kumfundu ngamunye |
|--|---|

1. **Umlolozelo:** Yisho umlolozelo, *Yisikhathi samaphethini*.
 2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.
 3. **Ukubala izinto 1–7:** Abafundi balanda izinsimbi zomculo. Bonke abafundi abanohlobo olufanayo lwezinsimbi bahlala egenjini labo. Dlala amabhithi ayisikhombisa esigujini.
- Imibuzo ekuholayo:**
- ★ Mangaki amabhithi owezwile?
 - ★ Wazi kanjani?
- Iqembu ngalinye liqala ngebhithe e-1 bese lenza ibhithi eyodwa ngaphezu kweqembu ebelingaphambili, iqembu elilodwa lize lifike kokuyisi-7.
4. **Amaphethini esigqi:** Hlukanisa abafundi ngamaqembu. Nika iqembu ngalinye insimbi yomculo eyehlukile. Amaqembu enza imisindo ngezinsimbi zawo bese eyichaza le misindo. Bese eqhathanisa imisindo eyenziwa izinsimbi ezehlukene.



Imibuzo ekuholayo:

- ★ Izwakala kanjani insimbi yomculo yakho?
- ★ Ungawenza umsindo ophansi/ophezulu; osheshayo/onensayo?
- ★ Izinsimbi zomculo zizwakala kanjani zifana/zehlukile?



Uma ungenazo izinsimbi, sebenzisa amabhulokhi, amathini, izinti nezingcezu zamaphepha ongakuqhwabaza, noma abafundi bangasebenzisa imizimba yabo, isibonelo, bagxobe ngezinyawo phansi noma bashaye imilenze yabo.

Make a musical pattern with an instrument, for example, loud, soft, soft, loud, soft, soft. Groups play along with you. Groups take turns to copy and extend sound patterns. Groups create new patterns, for example, loud, loud, soft, loud, loud, soft.

- ★ What new pattern can we make?
 - ★ What sound should come first?
 - ★ How many times should we make that sound?
 - ★ How should we carry on?
5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 5

What you need

- Rhyme: *It's pattern time* (page 190) • Musical instrument



TIP
Make sure that there are movements that all learners are able to participate in, including learners with motor impairments.

1. **Rhyme:** Say the rhyme, *It's pattern time*.
2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.
3. **Counting objects 1–7:** Play an instrument as learners move around. When the music stops, call out a number between 1 and 7. Learners form groups of different sizes according to the number.
4. **Extending physical patterns:** Choose six learners to make a body pattern, for example, two sitting, one standing, two sitting, one standing. Discuss the pattern.

Guiding questions:

- ★ Is this a pattern?
- ★ Can you describe the pattern?
- ★ What is the repeating part of the pattern?
- ★ How could we extend the pattern?

Learners continue the pattern by standing or sitting.

- ★ What would come next?
- ★ Can anyone join the line? What will you do?

Repeat the activity using other body positions, for example, kneeling and lying down.

Choose eight learners to arrange themselves into their own pattern.

- ★ How did you decide what to do for your pattern?
- ★ What pattern have you made? How do you know it is a pattern?
- ★ How can we extend this pattern?

Other learners join the line and extend the pattern.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Yakha iphethini lomculo ngensimbi yomculo, isibonelo, (umculo) ophezulu, ophansi, ophansi, ophezulu, ophansi, ophansi. Amaqembu adlala kanye nawe. Amaqembu anikezana ithuba ukukopisha nokwelula amaphethini emisindo. Amaqembu aqamba amaphethini amasha, isibonelo, okuphezulu, okuphezulu, okuphansi, okuphezulu, okuphezulu, okuphansi.

- ★ Yiliphi iphethini elisha esingalenza?
- ★ Yimuphi umsindo okumele uqale?
- ★ Kumele siwenze kangaki lowo msindo?
- ★ Kumele siqhubeke kanjani?

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 5

Okudingayo

- | | |
|---|---------------------|
| • Umlolozelo: <i>Yisikhathi samaphethini</i> (ikhasi 191) | • Izinsimbi zomculo |
|---|---------------------|


1. **Umlolozelo:** Yisho umlolozelo, *Yisikhathi samaphethini*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.
3. **Ukubala izinto 1–7:** Dlala insimbi ngesikhathi abafundi behambahamba. Lapho umculo uma, bisa inombolo ephakathi koku-1 nokuyisi-7. Abafundi bakha amaqembu obungako obehlukene kuye ngenombolo.
4. **Ukwelula iphethini lomzimba:** Khetha abafundi abayisithupha ukwakha iphethini lomzimba, isibonelo, ababili abahleli, oyedwa omile, ababili abahleli, oyedwa omile. Xoxani ngephethini.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Yiphethini leli?
 - ★ Ungalichaza leli phethini?
 - ★ Iyiphi ingxenyе yephetheni ephindwayo?
 - ★ Singalelula kanjani iphethini?
- Abafundi baqhubeke nephethini ngokuma noma ngokuhlala.
- ★ Yini engalandela?
 - ★ Kungangena noma ubani emgqeni? Wena uzokwenzani?
- Phinda umsebenzi usebenzisa ezinye izikhundla zomzimba, isibonelo, ukuguqa kanye nokulala phansi.
- Khetha abafundi abayisishiyagalombili abazozihlela ngelabo iphethini.
- ★ Nisithathe kanjani isinqumo senizokwenzela iphethini lenu?
 - ★ Nenze liphi iphethini? Naze kanjani ukuthi yiphethini?
 - ★ Singalelula kanjani leli phethini?
- Abanye abafundi bangena kulayini bese belula iphethini.
5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.



Qiniseka ukuthi
kuneminyakazo
abafundi bonke
abakwazi ukubamba
iqhaza kuyo,
sekubandakanya
nabafundi
abanokukhubazeka
ngokunyakaza.



Integration

Home Language: Emergent Writing: Draw patterns.

Life Skills: Fine motor development: Identify, copy and extend patterns in the environment. Gross motor development: Paint a hopscotch grid outside or draw one on the ground with chalk. Learners jump on the blocks of the grid following the number sequence, landing with feet together or feet apart, depending on the number of blocks in each row of the grid.

Small group activities

Teacher-guided activity

What you need

- 6 everyday objects
- A tray
- A tub for each learner with:
 - Structure beads (*Resource Kit*)
 - ‘What’s missing?’ pattern card
 - Unifix pattern card
 - Unifix blocks
 - 10 attribute blocks

1. **Structure beads:** Ask learners to show you a number of beads between 1 and 7. Learners put the beads into different arrangements of the same number.

Guiding questions:

- ★ How many red/yellow beads are there?
- ★ Can you show me seven beads?
- ★ Show me four beads. What did you do to make four?
- ★ What should you do to have six beads?

2. **What’s missing? (Kim’s game):** Place five objects on a tray, one at a time while learners watch.

Guiding questions:

- ★ What did I put on the tray first?
- ★ What did I put on the tray next?
- ★ What did I put on the tray last?

Now learners should look at the tray and try to remember what objects are on it. Cover the tray with a cloth and then remove one object. Lift the cloth. Learners say which object is missing. Repeat, removing a different object each time.


3. **What’s missing? pattern:**

Learners take a ‘What’s missing?’ pattern card from their tub. They say which part of the pattern is missing and arrange their attribute blocks to copy the pattern, filling in the missing part.

Guiding questions:

- ★ What comes first/next/last?
- ★ What is missing?





Ukudidiyela

Ulimi Lwasekhaya: Ukubhala kokuqala: Dweba amaphethini.

Amakhono Empilo: Ukuthuthukisa imisipha emincane: Hlonza, kopisha bese welula amaphethini endaweni okuyo. Ukuthuthukisa imisipha emikhulu: Penda igridi yehophoskoshi ngaphandle noma uyidwebe phansi ngoshoki. Abafundi bagxuma emabhlulokhini egridi belandela ukulandelana kwezinombolo, bathi cababa izinyawo zindawonye noma zehlukene kuye ngesibalo samabhlulokhi emgqeni ngamunye wegredi.

Imisebenzi yamaqembu amancane

Umsebenzi oholwa uthisha

Okudingayo

- | | |
|--|---|
| <ul style="list-style-type: none"> • Izinto zansuku zonke eziyisi-6 • Ithileyi • Isitsha somfundu ngamunye esinalokhu: <ul style="list-style-type: none"> – Ubuhlalu bokuhlela (<i>Ikhithi Yezinsiza</i>) | <ul style="list-style-type: none"> – Ikhadi lamaphethini ka-'Yini engekho?' – Ikhadi lamaphethini axhumekayo – Amabhlulokhi axhumekayo – Amabhlulokhi ayi-10 angama-athribhuthi |
|--|---|

1. **Ubuhlalu bokuhlela:** Cela abafundi ukuthi bakukhombise inombolo yobuhlalu ephakathi koku-1 nokuyisi-7. Abafundi babeka ubuhlalu ngokuhlelwa okwehlukene kwenombolo efanayo.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Bungaki ubuhlalu obubomvu/obuphuzi obulapho?
- ★ Ungangikhombisa ubuhlalu obuyisikhombisa?
- ★ Ngikhombise ubuhlalu obune. Wenzeni ukwakha okune?
- ★ Kufanele wenzenjani ukuze ube nobuhlalu obuyisithupha?

2. **Yini engekho? (Umdlalo kaKim):** Beka izinto eziyishlanu ethileyini: okukodwa ngesikhathi esisodwa, ngenkathi abafundi bebukela.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ngibekeni ethileyini kuqala?
- ★ Ngibekeni ethileyini ngokulandelayo?
- ★ Ngibekeni ethileyini ekugcineni?

Manje abafundi mababuke ethileyini bazame ukukhumbula izinto ezibekwe kulo. Mboza ithileyi ngendwangu bese ususa into eyodwa. Phakamisa indwangu. Abafundi abasho ukuthi yini engekho. Phinda, ude ususa into eyehlukile.

3. **Iphethini lika-'Yini engekho?':** Abafundi bathatha amakhadi amaphethini ka-'Yini engekho?' esitsheni sabo. Basho ukuthi yiphi ingxenye yephethini engekho bese behlela amabhlulokhi angama-athribhuthi ukukopisha iphethini, begcwalisa ingxenye ebingekho.



Imibuzo ekuholayo:

- ★ Yikuphi okuza kuqala/okulandelayo/okugcinayo?
- ★ Yini engekho?

 **TIP**

If a pattern with two attributes is too difficult for learners, they can make a pattern with one attribute.

4. Copying and extending own pattern:

Learners use their Unifix blocks to copy and extend a pattern from the Unifix pattern card (vertically and horizontally).


Guiding questions:

- ★ What comes before/after/next?
- ★ Can you finish the pattern?
- ★ What part of the pattern repeats?

5. Create own pattern: Learners create a pattern with attribute blocks and explain their pattern. For example:

- ★ One attribute: shape: circle, square, triangle.
- ★ Two attributes: colour and shape: red circle, yellow square, green triangle.

Guiding questions:

- ★ Can you describe your pattern?
 - ★ What makes it a pattern?
 - ★ How can you carry on your pattern?
- Make a sequence of attribute blocks that is not a pattern.
- ★ Is this a pattern? Tell me why not.


Check that learners are able to:

- break down and build up numbers between 1 and 7
- create and explain their own pattern with three colours and shapes
- extend a repeating pattern
- explain whether something is a pattern or not
- show the part of the pattern that repeats

Workstation 1

What you need

- | | |
|---|---|
| <ul style="list-style-type: none"> • 'Tall' and 'short' colour paper strips pasted in a pattern on a long sheet of paper • Long sheets of paper – 1 per learner | <ul style="list-style-type: none"> • Rectangle shapes cut into two sizes: 'tall' and 'short' • Glue |
|---|---|

Learners paste strips of paper to copy and then extend the pattern.



4. *Ukukopisha nokwelula iphethini lakho:*

Abafundi basebenzisa amabhulokhi axhumekayo abo ukukopisha nokwelula amaphethini kusuka kumakhadi amaphethini axhumekayo (ngokumile mpo nokuvundlile).

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Yikuphi okuza ngaphambili/ngemuva/ ngokulandelayo?
- ★ Ungaliqedela iphethini?
- ★ Iyiphi ingxenye yephethini ephindekayo?



5. *Yenza iphethini lakho:* Abafundi benza

iphethini ngamabhulokhi ama-athribhuthi bese bechaza amaphethini abo. Isibonelo:

- ★ I-athribhuthi eyodwa: indilinga, isikwele, unxantathu.
- ★ Ama-athribhuthi amabili: umbala kanye nesimo: indilinga ebomvu, isikwele esiphuzi, unxantathu oluahlaza satshani.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ungalichaza iphethini lakho?
- ★ Yini eyenza libe yiphethini?
- ★ Ungaliqhubela phambili kanjani iphethini lakho?
- Yenza ukulandelana kwamabhulokhi angama-athribhuthi okungelona iphethini.
- ★ Ngabe yiphethini lokhu? Ngitshele ukuthi kungani kungelona?



Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku:-

- hlakaza nokwakha izinombolo eziphakathi koku-1 nokuyisi-7
- akha nokuchaza amaphethini abo ngemibalala nezimo okuthathu
- elula iphethini eliphindwayo
- chaza ukuthi into leyo ngabe iyiphethini yini noma cha
- khombisa ingxenye yephethini ephindekayo

Isiteshi sokusebenzela 1



Okudingayo

- | | |
|---|---|
| <ul style="list-style-type: none"> • Imidweshu e-'mide' ne-'mifushane' yephepha lembala enanyathiselwe yaba yiphethini ephepheni elide • Iphepha elide – eli-1 umfundu ngamunye | <ul style="list-style-type: none"> • Izimo zikanxande zibe ubungako obubili: o-'bude' no-'bufishane' • Iglu |
|---|---|

Abafundi banamathelisa imidweshu yephepha ukukopisha nokwelula iphethini.

Workstation 2

What you need

- Pattern cards with incomplete colour patterns in each row
- Paint, paintbrushes
- Paper

Learners use paints to copy and extend the patterns on the cards. They create their own patterns.



Workstation 3



What you need

- Flower pattern cards
- Paper flower petal and leaf cut-outs (16 of each per learner)
- Crayons
- Glue, brushes
- A strip of paper per learner

Learners paste the flower petals and leaves on paper to copy and extend the pattern. They use crayons to decorate their page.

Workstation 4

What you need

- A set of dominoes

Learners match the dominoes with the same number of dots.



Isiteshi sokusebenzela 2

Okudingayo

- Amakhadi amaphethini anamaphethini emibala angaphelele emgqeni ngamunye
- Upende, amabhulashi okupenda
- Iphepha

Abafundi basebenzisa upende ukukopisha nokwelula amaphethini asemakhadini. Bakha amaphethini abo.



Isiteshi sokusebenzela 3



Okudingayo

- Amakhadi amaphethini ezimbali
- Amagqebe embali namaqabunga kwephethi okusikiwe kwakhishwa (okuyi-16 umfundi ngamunye)
- Amakhrayoni
- Iglu, amabhulashi
- Umdweshu wephethi umfundi ngamunye

Abafundi banamathelisa ephepheni amagqebe embali namaqabunga ukukopisha nokwelula iphethini. Basebenzisa amakhrayoni ukuhlobisa ikhasi labo.

Isiteshi sokusebenzela 4

Okudingayo

- Isethi yamadomino

Abafundi baqondanisa amadomino nesibalo esifanayo samachashazi.



Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships

Topics	New knowledge	Practise
<ul style="list-style-type: none"> Recognise and identify number symbols and number words Describe, compare and order numbers 	<ul style="list-style-type: none"> Number 6 Two/three more/fewer Equal groups Counting on 	<ul style="list-style-type: none"> Oral counting: forwards 1–20, backwards 7–1 Counting objects 1–7 Sequencing numbers 1–5 Reinforce number concept 1–5

New maths vocabulary

six
two more


three fewer
enough

same amount
add to

Getting ready

For the activities this week, you will need to prepare the following:

- number frieze and house template for number 6 (page 204)
- 5 number 6 dot, symbol and word cards
- 7 large stones
- 7 large playdough/plastic/cardboard ducks
- number symbol card 6 (number line)
- 7 large cardboard snail cut-outs
- a large dice made from a box
- playdough template: Number 6 (page 210) – 1 per learner
- playdough
- blank A4 page in a plastic sleeve – 1 per learner
- a container of Unifix blocks per pair of learners in a group
- number and picture matching cards 1–6 – 1 per learner.



Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo

Izihloko

- Qaphela bese uhlonda izimpawu zezinombolo namagama ezinombolo
- Chaza, qhathanisa bese uhlola izinombolo

Ulwazi olusha

- Inombolo 6
- Kubili/kuthathu kuningi (ngaphezulu)/kuyingcosana
- Amaqembu/amaqoqo alinganayo
- Ukubala uqhubeke

Zejwayeze

- Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 1–20, ukuhlehlha 7–1
- Ukubala izinto 1–7
- Ukulandelanisa izinombolo 1–5
- Ukugxilisa ulwazi lwezinombolo 1–5

Ulwazimagama olusha olusetshenziswa ezibalweni

isithupha
okubili ngaphezulu


okuyingcosana ngokuthathu
kwanele

inani elifanayo
engeza

Ukulungiselela

Emisebenzini yaleli sonto, uzodinga ukulungisa lokhu okulandelayo:

- ifrizi yezinombolo nethempulethi yendlu yenombolo 6 (ikhasi 205)
- amakhadi ayisi-5 kanombolo 6 anamachashazi, izimpawu kanye namagama
- amatsho amakhulu ayisi-7
- amadada amakhulu enhlama yokudlala epulastiki/ekhadibhodi ayisi-7
- amakhadi ezimpawu enombolo 6 (umugqa wenombolo)
- okusiwe kwakhishwa okunyiminenke yamakhadibhodi okuyisi-7
- idayisi elikhulu elakhiwe ngebhokisi
- ithempulethi yenhlama yokudlala: Inombolo 6 (ikhasi 211) – oku-1 umfundi ngamunye
- inhlama yokudlala
- ikhasi elingenalutho lephepha elingu-A4 ephaketheni lepulastiki – eli-1 umfundi ngamunye
- isiquathi samabhulokhi axhumekayo sabafundi ngababili eqenjini
- amakhadi aqondanisa izinombolo nezithombe 1–6 – eli-1 umfundi ngamunye.



Whole class activities

Day 1

What you need

- Rhyme: *It's pattern time* (page 190)
- Number 6 story (page 190)
- Number frieze and house template for number 6 (page 204)



Practise songs and rhymes learnt in previous weeks throughout the daily programme, for example, during toilet routines.

1. **Rhyme:** Say the rhyme, *It's pattern time* from Week 1.
2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.
3. **Counting objects 1–7:** Learners sit in a circle. Ask a learner to flap a few times like a duck.

Guiding questions:


- ★ Was it more or fewer than seven times?
- ★ How do you know?
- ★ Can you all flap seven times?

4. **Introducing number 6:** Point to number friezes 1–5.

Guiding questions:

- ★ How many animals do you think will live in the next house?
- ★ Will there be more or fewer than five?

Tell the *Number 6 story*. The animals' house is the focus of the story. Show the parts of the number frieze as you build up the story of the animals and images of the house: the different representations of number 6, for example, the picture, the dots, the symbol and the word. Display the parts of the frieze in the animal house on the wall in the maths area. Count the ducks together.



Guiding questions:

- ★ Who has seen a duck before? Where?
- ★ What noise does a duck make?
- ★ Can you quack six times? Can you waddle as you quack?
- ★ How many more ducks are there than monkeys?
- ★ How many fewer giraffes are there than monkeys?
- ★ If each duck hatched from an egg, how many eggs would there have been?

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Imisebenzi yekilasi lonke

Usuku 1

Okudingayo

- Umlolozelo: *Yisikhathi samaphethini* (ikhasi 191)
- *Indaba kanombolo 6* (ikhasi 191)
- Ifrizi yezinombolo kanye nethempulethi yendlu kanombolo 6 (ikhasi 205)



1. **Umlolozelo:** Yisho umlolozelo, *Yisikhathi samaphethini* kuthathwe eSontweni 1.

2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.

3. **Ukubala izinto 1–7:** Abafundi bahlala babe indilinga. Cela umfundi abhakuze njengedada izikhashana ezimbalwa.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Bekungaphezulu noma bekungaphansi kwezikhathi eziyisikhombisa?
- ★ Wazi kanjani?
- ★ Ningabhakuza nonke kasikhombisa?


4. **Ukwethula inombolo 6:** Khomba ifrizi yezinombolo 1–5.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ucabanga ukuthi zingaki izilwane ezizohlala endlini elandelayo?
- ★ Zingaba ngaphezulu noma ngaphansi kwezinhlalu?

Xoxa *Indaba kanombolo 6*. Indlu yezilwane iyona nto indaba egxile kuyona. Khombisa izingxenye zefrizi yezinombolo ngenkathi wakha indaba yezilwane kanye nezithombe zendlu: izinto ezechlukene ezimele inombolo 6, isibonelo, isithombe, amachashazi, uphawu kanye negama. Khombisa izingxenye zefrizi endlini yezilwane odongeni endaweni yezbalo.

Balani amadada ndawonye.



Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ubani oseke wabona idada ngaphambilini? Kuphi?
- ★ Idada lenza umsindo onjani?
- ★ Uyakwazi ukukwekweza njengedada izikhathi eziyisithupha? Uyakwazi ukubhadazela ube ukwekweza njengedada?
- ★ Mangaki amadada angaphezulu ukudlula izinkawu?
- ★ Zingaki izindlulamithi eziyingcosana ngaphansi kwezinkawu?
- ★ Uma idada ngalinye lichamuselwa eqandeni, ngabe mangaki amaqanda abekhona?

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Day 2

What you need

- Song: *Six little ducks* (page 190)
- 5 number 6 dot, symbol and word cards
- Number picture, symbol and dot cards 1–6 (*Resource Kit*)

1. **Song:** Introduce the song, *Six little ducks*.
2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.
3. **Counting objects 1–7:** Choose two learners to take turns to flap fewer than six times while other learners clap. Compare the number of flaps. Ask the same questions as on Day 1. Learners all flap and count as you clap from 1 to 7.
4. **Dot cards 1–6 game:** Show picture, dot and number symbol cards 1–6. Learners organise themselves into groups according to the card that you show.
5. **Maths table:** Groups of six learners collect six similar small objects outside, for example, twigs or leaves. Learners return to sit on the mat in their groups. Each group says what and how many objects they have found. Discuss the similarities and differences between their collections. Give a number 6 dot, symbol or word card to each group. One group at a time puts their objects and number 6 card on the table.

 TIP

When forming groups discuss who has enough for six, how many more, and so on.



6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 3

What you need

- Song: *Six little ducks* (page 190)
- 7 large stones
- 7 playdough/plastic/cardboard ducks
- Dot cards 1–6 (*Resource Kit*)

1. **Song:** Sing the song, *Six little ducks* and dramatise it.
2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.
3. **Counting objects 1–7:** Learners sit in a circle. Tell a short story as you place six stones and seven ducks in the middle of the circle where all the learners can see them.

Guiding questions:

- ★ How many stones/ducks do you think there are?
- ★ Are there more/fewer ducks or more/fewer stones?
- ★ How do you know?

Usuku 2

Okudingayo

- Iculo: *Amadada amancane ayisithupha* (ikhasi 191)
- Amakhadi ayisi-5 kanombolo 6 anamachashazi, izimpawu kanye namagama
- Amakhadi anezithombe, izimpawu zenombolo 1–6 (*Ikhithi Yezinsiza*)

1. **Iculo:** Yethula iculo, *Amadada amancane ayisithupha*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.
3. **Ukubala izinto 1–7:** Khetha abafundi ababili ukuba bade benikezana ithuba ngokubhakuza ngaphansi kwezikhathi eziyisithupha, ngenkathi abanye beshaya izandla. Qhathanisa izikhathi zokubhakuza. Buza imibuzo efanayo neyangoSuku 1. Abafundi bonke mababhakuze babale ngenkathi ubala kusukela koku-1 kuya kokuyisi-7.
4. **Umdlalo wamakhadi anamachashazi 1–6:** Khombisa amakhadi esithombe, anamachashazi, nezimpawu zezinombolo 1–6. Abafundi bazihlela ngamaqembu ahambisana nekhadi olkhombisayo.
5. **Itafula lezibalo:** Amaqembu abafundi abayisithupha aqoqa izinto ezifanayo eziyisithupha phandle, isibonelo, amagatshana noma amaqbunga. Abafundi babuye bahlale phansi kumata emaqenjini abo. Iqembu ngalinye lisho ukuthi yiziphi izinto elizitholile futhi zingaki. Xoxa ngokufana nokwehlukile ezintweni eziqoqiwe. Nikeza iqembu ngalinye ikhadi lechashazi, uphawu noma igama lenombolo 6. Iqembu elilodwa ngesikhathi esisodwa elibeke izinto zalo kanye nekhadi lenombolo 6 etafuleni.
6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.



Uma wakha amaqembu xoxa ngokuthi ubani onokwanele okuyisithupha, kungaki okungaphezu kwalokho, njalonjalo.

Usuku 3

Okudingayo

- Iculo: *Amadada amancane ayisithupha* (ikhasi 191)
- Amatshe amakhulu ayisi-7
- Amadada enhlama yokudlala/ amapulastiki/amakhadibhodi ayisi-7
- Amakhadi anamachashazi 1–6 (*Ikhithi Yezinsiza*)

1. **Iculo:** Culani iculo, *Amadada amancane ayisithupha* nililingise.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.
3. **Ukubala izinto 1–7:** Abafundi bahlala babe indilinga. Xoxa indaba emfushane ngenkathi ubeka amatshe ayisithupha namadada ayisikhombisa phakathi kwendilinga lapho bonke abafundi bezokubona khona.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ucabanga ukuthi kukhona amatshe/amadada amangaki?
- ★ Ngabe amadada maningi (ngaphezulu)/ayingcosana noma amatshe maningi (ngaphezulu)/ayingcosana?
- ★ Wazi kanjani?



Remind the learners holding the cards to include themselves when counting the number of learners in the group.

4. **Dot cards and ordering numbers 1–6:** Show learners dot cards 1–6. Give six learners each a dot card from 1 to 6. Ask them to make groups with friends according to the number of dots on their card.
Guiding questions:
 - ★ How many will there be if the group of two learners joins with the group of three learners?
 - ★ Is there a group who has the same number of learners in their group as the two groups who have joined together?

Repeat with other numbers and other learners. Learners who are not part of a group arrange the groups in order from 1 to 6.

 - ★ Which group comes next?
 - ★ Which group is last?
5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 4

What you need

- | | |
|---|--|
| <ul style="list-style-type: none"> • Song: <i>Six little ducks</i> (page 190) • 7 playdough/plastic/cardboard ducks | <ul style="list-style-type: none"> • 7 cardboard snails • Number line with number symbol cards 1–6 |
|---|--|

1. **Song:** Sing the song, *Six little ducks* and dramatise it with another group of learners.
2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.
3. **Counting objects 1–7:** Place seven ducks and seven cardboard snails where all the learners can see them.

Guiding questions:

- ★ How many snails/ducks do you think there are?
 - ★ Are there the same number of snails as ducks?
 - ★ Are there more/fewer ducks or more/fewer snails? How do you know?
4. **Number 6 dance:** Together create a number 6 dance. Clap six times, jump six times, walk backwards six steps, and so on. Ask learners for suggestions.
 5. **Number 6 game:** Learners close their eyes while you hide six ducks around the classroom. The learners then take turns to throw a dice. If it lands on number 6, they look for a duck. Give clues by calling out ‘hot’ if they are very close to finding a duck, ‘cold’ if they are far away and ‘warm’ if they are getting closer. The class counts the ducks together as they are found. They put up the matching number symbols 1–6 on the number line. A learner uses one duck to jump from 1 to 6 on the number line as the class counts.



Repeat three movements in a sequence a few times before adding new movements.



Khumbuza abafundi abaphethe amakhadi ukuthi bazibale nabo uma bebala abafundi abakhona egenjini.

4. **Amakhadi anamachashazi kanye nokuhlela izinombolo 1–6:**

Khombisa abafundi amakhadi anamachashazi 1–6. Nikeza abafundi abayisithupha ngamunye ikhadi elinechashazi kusukela koku-1 kuya kokuyisi-6. Cela abafundi ukuthi benze amaqembu nabangani ngokuhambisana namachashazi asekhadini labo.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Bazoba bangaki uma iqembu labafundi ababili lihlangana neqembu labafundi abathathu?
- ★ Likhona iqembu elinesibalo sabafundi egenjini lalo esifanayo nesamaqembu amabili ehlanganisiwe?

Phinda ngezinye izinombolo nabanye abafundi. Abafundi abangeyona ingxenye yeqembu bahlela amaqembu kusukela koku-1 kuya kokuyisi-6.

- ★ Iliphi iqembu elilandelayo?
- ★ Iliphi iqembu eligcinayo?

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 4

Okudingayo

- | | |
|---|--|
| • Iculo: <i>Amadada amancane ayisithupha</i> (ikhasi 191) | • Iminenke yekhadibhodi eyisi-7 |
| • <i>Amadada enhlama yokudlala/epulastiki/ekhadibhodi</i> ayisi-7 | • Umugqa wezinombolo onamakhadi ezimpawu zezinombolo 1–6 |

1. **Iculo:** Culani iculo, *Amadada amancane ayisithupha* nililingise lokhunelinye iqembu labafundi.

2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.

3. **Ukubala izinto 1–7:** Beka amadada ayisikhombisa kanye neminenke yekhadibhodi eyisikhombisa lapho bonke abafundi bezokwazi ukukubona khona.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ucabanga ukuthi mingaki iminenke/amadada?
- ★ Kuneminenke elinganayo ngesibalo namadada?
- ★ Ngabe amadada maningi/ayingcosana noma iminenke miningi/iyingcosana? Wazi kanjani?

4. **Umdanso kanombolo 6:** Nindawonye dalani umdanso kanombolo 6. Shaya izandla izikhathi eziyisithupha, gxuma izikhathi eziyisithupha, hamba uhllele izikhathi eziyisithupha, njalonjalo. Cela iziphakamiso kubafundi.

5. **Umdlalo kanombolo 6:** Abafundi bavala amehlo ngesikhathi ufhla amadada ayisithupha ndawo zonke ikilasini. Abafundi banikezana ithuba ngokuphonsa idayisi. Uma lima kunombolo 6, bafuna idada. Nikeza imikhondo ngokumemeza ukuthi, 'kuyashisa' uma besondela kakhulu ekutholeni idada, uthi, 'kuyabanda' uma bekude, uthi, 'kufudumele' uma besondela kwabakufunayo. Ikilasi libala amadada ndawonye lapho etholakala. Babeka izimpawu zezinombolo ezifanayo 1–6 emgqeni wezinombolo. Umfundu usebezinsa idada elilodwa ukweqa ukusuka koku-1 kuya kokuyisi-6 emgqeni wezinombolo njengoba ikilasi libala nje.



Phinda ukunyakaza kathathu ngokulandelana izikhathi ezimbalwa ngaphambi kokwengenza iminyakazo emisha.



Guiding questions:

- ★ How many ducks have we found?
 - ★ How many learners have had a turn to find a duck?
 - ★ How many more ducks do we need to find to make six in the group? How do you know?
6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 5**What you need**

- Song: *Six little ducks* (page 190)
- Poster 5
- 7 learners' snack boxes
- Masking tape/chalk



If learners do not use snack boxes, use other objects, for example, boxes and blocks.

1. **Song:** Sing the song, *Six little ducks* and dramatise it.

2. **Oral counting:** 1–20 and 7–1.

3. **Counting objects 1–7:** Together count seven learners as they each fetch their snack box.

Guiding questions:

- ★ Are there more learners or more snack boxes? How do you know?
Together look inside the boxes.
- ★ Which snack box has two/three/four/five things in it?
- ★ Is this more or fewer than seven things?

4. **Jumping track:** Use masking tape or chalk to create a ladder on the mat for learners to jump as the class counts from 1 to 6.


Guiding questions:

- ★ Can you jump to the number that is one more/two fewer, two more/three fewer than the number you are standing on?
- ★ Can you stand on number 2/3/4 and count from there onwards as you jump?

5. **Practising 1–6:** Discuss Poster 5. Talk about what the learners can see.



Take time to discuss picnics. Move between learners to show them the poster.

**Guiding questions:**

- ★ Where do you think these people are?
- ★ Is there anything in this picture that you have seen before?

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Mangaki amadada esiwatholile?
- ★ Bangaki abafundi ababe nethuba lokuthola idada?
- ★ Mangaki amanye amadada esidinga ukuwathola ukwenza ayisithupha egenjini? Wazi kanjani?

6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 5**Okudingayo**

- | | |
|--|---|
| • Iculo: <i>Amadada amancane ayisithupha</i> (ikhasi 191) | • Amabhokisi okudla okulula abafundi ayisi-7 |
| • Iphosta 5 | • Itheyiphu yokumboza/ushoki |

1. **Iculo:** Cula iculo, *Amadada amancane ayisithupha* bese uyalilingisela.

2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 no-7–1.

3. **Ukubala izinto 1–7:** Nindawonye balani abafundi abayisikhombisa lapho beyolanda amabhokisi abo okudla okulula.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ngabe okuningi ngabafundi noma amabhokisi okudla okulula? Wazi kanjani?

Nindawonye bhekani ngaphakathi kwamabhokisi.

- ★ Iliphi ibhokisi lokudla okulula elinezinto ezimbili/ezintathu/ezine/ezinhlanu ngaphakathi?

- ★ Ngabe zingaphezulu noma ziyingcosana ngaphansi kwezinto eziyisikhombisa?

4. **Umgudu wokugxuma:** Sebenzisa itheyiphu yokumboza noma ushoki ukwenza iladi kumata khona abafundi bezogxuma uma ikilasi libala kusuka koku-1 kuya kokuyisi-6.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Uyakwazi ukugxumela enombolweni eyodwa engaphezulu/engaphansi ngokubili, engaphezulu ngokubili/engaphansi ngokuthathu, kunale omi kuyona?

- ★ Uyakwazi ukuma enombolweni 2/3/4 bese uyabala uye phambili kusukela lapho ube ugsuma?

5. **Ukuzejwayeza 1–6:**

Xoxa ngePhosta 5.
Khuluma ngalokho okubonwa ngabafundi.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Uma ucabanga, bakuphi laba bantu?
- ★ Kukhona okusesithombeni osewake wakubona?



Uma abafundi bengafuni ukusebenzisa amabhokisi okudla okulula, sebenzisa ezinye izinto, isibonelo, amabhokisi kanye namabhulokhi.



Yiba nesikhathi ukuxoxa ngamapikhinikhi. Nyakaza ngaphakathi kwabafundi ukubakhombisa iphosta.



TIP
Encourage learners to think of number questions they would like to ask.

- ★ Can you see five/six, and so on of anything?
- ★ How do you know it is five/six, and so on?
- ★ How many trees do you see? How many more do we need to have six?
- ★ How many birds do you see? What do we need to do to have six birds? And bananas?
- ★ Are there enough rolls for each person? What can we do so that everyone has a roll?
- ★ How many apples do you see? What should Dad do so that all the people get a piece of apple?

6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Integration

Home Language: Stories, songs and rhymes.

Life Skills: Gross motor development and direction.

Small group activities

Teacher-guided activity

What you need

- | | |
|--|--|
| <ul style="list-style-type: none"> • 6 ducks • 3 large stones • Number frieze for 6 • Playdough and boards • A4 paper and pencils | <ul style="list-style-type: none"> • A tub per learner with: <ul style="list-style-type: none"> – Number symbol and number word cards 1–6 (<i>Resource Kit</i>) – 7 animal counters – Structure beads |
|--|--|

1. **Problem solving:** Show learners six ducks. Put three stones next to three of the ducks.

Guiding questions:

- ★ How many ducks are there?
- ★ How many stones are there?
- ★ Are there enough stones for each duck to sit on?
- ★ How many ducks won't have a stone to sit on?
- ★ How many more stones do we need for each duck to have one?

2. **Counting objects 1–7:**

Guiding questions:

Learners look at the animals in their tubs.

- ★ Do you have more or fewer than six animal counters in your tub?

Learners each count their animals 1–7.

Look at the number frieze with the learners.

- ★ Which number are we learning about this week?
- ★ Is this number more or fewer than the number of animals you have?



- ★ Kukhona okuthile okubonayo okuhlanu/okuyisithupha njalonjalo?
 - ★ Wazi ngani ukuthi kuhlanu/kuyisithupha, njalonjalo?
 - ★ Ubona izihlahla ezingaki? Zingaki esizidingayo ukuze zibe yisithupha?
 - ★ Ubona izinyoni ezingaki? Sidinga ukwenzani ukuze sibe nezinyoni eziyisithupha? Obhana bona?
 - ★ Ngabe anele amaroli omuntu ngamunye? Singenzani ukuze wonke umuntu alithole iroli?
 - ★ Ubona ama-aphula amangaki? Kufanele enze njani uBaba ukuze bonke abantu bathole ucezu lwe-aphula?
6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Ukudidiyela

Ulimi Lwasekhaya: Izindaba, amaculo nemilolozelo.

Amakhono Empilo: Ukuthuthukisa imisipha emikhulu kanye nenkomba.

Imisebenzi yamaqembu amancane

Umsebenzi oholwa uthisha

Okudingayo

- | | |
|---|---|
| <ul style="list-style-type: none"> • Amadada ayisi-6 • Amatshe amakhulu ama-3 • Ifrizi yezinombolo kanombolo 6 • Inhlama yokudlala kanye namabhodi • Iphepha elingu-A4 kanye namapensele | <ul style="list-style-type: none"> • Isitsha somfundu ngamunye esinalokhu: <ul style="list-style-type: none"> – Amakhadi anophawu lwenombolo kanye namagama 1–6 (<i>Ikhitu Yezinsiza</i>) – Izinto zokubala zezilwane eziyisi-7 – Ubuhlalu bokuhlela |
|---|---|

1. **Ukuxazulula izinkinga:** Khombisa abafundi amadada ayisithupha. Beka amatshe amathathu eduzane namadada amathathu.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Mangaki amadada akhona?
- ★ Mangaki amatshe akhona?
- ★ Anele amatshe ukuze idada ngalinye lihlale?
- ★ Mangaki amadada angeke abe nalo itshe angahlala kulo?
- ★ Sidinga amatshe amangaki ngaphezulu ukuze idada ngalinye libe nelalo?

2. **Ukubala izinto 1–7:**

Imibuzo ekuholayo:


Abafundi babuka izilwane ezisezitsheni zabo.

- ★ Esitsheni sakho ngabe unezilwane ezingaphezulu noma eziyingsosana kunesithupha?

Abafundi ngamunye babala izilwane zabo 1–7.

Bheka ifrizi yezinombolo nabafundi.

- ★ Sifunda ngayiphi inombolo kuleli sonto?
- ★ Le nombolo iningi noma iyingcosana kunezilwane onazo?



Together count the ducks on the animal frieze.

- ★ What do you need to do so that you have only six animals in your group?
- ★ Put three animals back into your tub. How many animals do you now have on the mat in front of you?
- ★ How many eyes do your three animals have altogether? How many ears?

3. **More, fewer, equal:** Learners make two groups with the six animals from their tubs.

Guiding questions:

- ★ Which group has more/fewer?
- ★ Who has the same number of animals in each group?
- ★ What do you need to do to make your groups equal? (If they were not equal.)

4. **Matching number symbols 1–6 to objects:** Learners look at their number symbol cards from their tub and at the number frieze.

Guiding questions:

- ★ Can you show me number 1, 4, and so on?
- ★ Can you show me the number that comes before/after 3/5, and so on?

Play a game by hiding your hands behind your back. Show between one and six fingers. The learners count animals to match your fingers and choose the matching number symbol and word card. Repeat a few times.

5. **Structure beads:** Learners use the structure beads to count.

Guiding questions:

- ★ Can you show me four beads, two more beads than 4, three fewer beads than 6, and so on?

Learners hold two beads in their hand.


- ★ How many more beads do you need to make 4?
- ★ Can you add one/two more beads?
- ★ How many beads do you have now?
- ★ Can you take one/two beads away?
- ★ How many beads do you have now?

6. **Practising number 6 using playdough:** The learners make the number symbol 6 out of playdough. Support learners who are ready to write 6.



Check that learners are able to:

- count objects 1–7
- identify more, fewer and make two equal groups
- recognise, name and match objects to number symbols 1–6
- solve problems up to 6



Nindawonye balani amadada akwifrizi yezilwane.

- ★ Udinga ukwenzani ukuze ube nezilwane eziyisithupha kuphela egenjini lakho?
- ★ Buyisela izilwane ezintathu esitsheni sakho. Zingaki izilwane onazo manje kumata ophambi kwakho?
- ★ Izilwane zakho zinamehlo amangaki sezizonke? Zingaki izindlebe?

3. Kuningi, kuyingcosana, kuyalingana: Abafundi benza amaqoqo amabili ngezilwane ezisezitsheni zabo.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Iliphi iqembu elinokuningi/okuyingcosana?
- ★ Ubani onesibalo sezilwane esilinganayo egenjini ngalinye?
- ★ Udingani ukwenza amaqoqo alingane? (Uma kuwukuthi ebengalingani.)

4. Ukuqondanisa izimpawu zezinombolo 1–6 nezinto: Abafundi babheka amakhadi anezimpawu zezinombolo zabo ezitsheni zabo nalokhu okukwifrizi yezinombolo.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ungakwazi ukungikhombisa inombolo 1, 4, njalonjalo?
- ★ Ungakwazi ukungikhombisa inombolo engaphambili/ngemuva kwezinombolo 3/5 njalonjalo?

Dlala umdlalo ngokufihla izandla ngemuva. Khombisa iminwe ephakathi kowodwa neyisithupha. Abafundi babala izilwane eziqondana neminwe yakho bakhethe ikhadi eliqondene nophawu lwenombolo namagama. Phinda izikhathi eziyingcosana.

5. Ukuhlela ubuhlalu: Abafundi basebenzisa ubuhlalu bokuhlela ukubala.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ungakwazi ukungikhombisa ubuhlalu obune, ubuhlalu obubili ngaphezu kobu-4, ubuhlalu obuyingcosana ngobuthathu kunesi-6, njalonjalo?

Abafundi babamba ubuhlalu obubili ezandleni zabo.

- ★ Udinga ubuhlalu obungaki ukuze benze 4?
- ★ Ungakwazi ukunezelela ubuhlalu obubodwa/obubili?
- ★ Unobuhlalu obungaki manje?
- ★ Ungakwazi ukususa ubuhlalu obubodwa/obubili?
- ★ Bungaki ubuhlalu onabo manje?

6. Ukuzejwayeza inombolo 6 usebenzisa inhlama yokudlala:

Abafundi benza uphawu lwenombolo-6 ngenhlama yokudlala. Sekela abafundi asebelungele ukubhala inombolo-6.



Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku-:

- bala izinto 1–7
- hlonza okunye ngaphezulu, okuyingcosana bese wenza amaqoqo amabili alinganayo
- bona, usho igama, uqondanise izinto nophawu lwenombolo 1–6
- xazulula izinkinga kufike kokuyisi-6



Place number cards on the table for learners to copy if the number line is too far away.

Workstation 1

What you need	
<ul style="list-style-type: none"> • Blank A4 page in a plastic sleeve – 1 per learner • Whiteboard kakis 	<ul style="list-style-type: none"> • A cloth for each pair of learners • Number line • Counters (<i>Resource Kit</i>)

Learners write number 1 with kakis using the number line as a guide. They count out the number of counters (one) to match this. Repeat with numbers 2–6.

Workstation 2

What you need	
<ul style="list-style-type: none"> • Playdough 	<ul style="list-style-type: none"> • Playdough template: Number 6 (page 210) – 1 per learner

The learners use playdough to complete the template.

Workstation 3

What you need	
<ul style="list-style-type: none"> • Per pair of learners: <ul style="list-style-type: none"> – One dice 	<ul style="list-style-type: none"> – A container with Unifix blocks

Learners take turns in pairs to roll the dice and stack the matching number of Unifix blocks to make a tower. They then roll the dice again and add more Unifix blocks to their tower according to the number on the dice.



Workstation 4



This can be explained as a snap or memory game if learners are able to play independently.

What you need	
<ul style="list-style-type: none"> • Number and picture matching cards 1–6 	

Learners choose cards. They find the matching number and picture cards.



Beka amakhadi
ezinombolo etafuleni
ukuze abafundi
bakopishe uma
umugqa wezinombolo
ukude kakhulu.

Isiteshi sokusebenzela 1

Okudingayo

- Ikhasi elingu-A4 elingabhalwe lutho elisemgodleni wepulastiki – eli-1 umfundi ngamunye
- Amakhokhi ebhodi elimhlophe
- Indwangu yabafundi ngababili
- Umugqa wezinombolo
- Izinto zokubala (*Ikhithi Yezinsiza*)

Abafundi babbala inombolo 1 ngamakhokhi besebenzisa umugqa wezinombolo njengomhlahlandlela. Babala bakhiphe izinombolo zezinto zokubala (eyodwa) ukuqondana nalokhu. Phinda ngezinombolo 2–6.

Isiteshi sokusebenzela 2

Okudingayo

- Inhlama yokudlala
- Ithempulethi yenhlama yokudlala:
Inombolo 6 (ikhasi 211) – oku-1 kumfundu ngamunye

Abafundi basebenzisa inhlama yokudlala ukuqedela ithempulethi.

Isiteshi sokusebenzela 3

Okudingayo

- Abafundi abangababili:
– Idayisi elilodwa
- Isiqukathi esinamabhulokhi axhumekayo

Abafundi banikezana ithuba ngababili ukugingqa idayisi nokubeka isibalo esiqondene samabhulokhi axhumekayo ukwakha umbhoshongo. Bese belikingqa futhi idayisi banezelele ngamanye amabhulokhi axhumekayo embhoshongweni wabo ngokuhambisana nenombolo esedayisini.



Isiteshi sokusebenzela 4



Lokhu kungachazwa
njengomdlalo
wokuthwebula noma
wokukhumbula uma
abafundi bekwazi
ukuzidlalela bodwa.

Okudingayo

- Amakhadi ezinombolo eziqondene nezithombe 1–6

Abafundi bakhetha amakhadi. Bathola amakhadi aqondene ezinombolo nezithombe.

Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships

Topics	New knowledge	Practise
<ul style="list-style-type: none"> Recognise and identify number symbols and number words Describe, compare and order numbers 	<ul style="list-style-type: none"> Number 7 Oral counting: backwards 10–1 Counting objects 1–10 	<ul style="list-style-type: none"> Oral counting: forwards 1–20, backwards 7–1 Sequencing numbers 1–6 Two/three more/fewer Add, take away Reinforce number concept 1–6

New maths vocabulary

seven


as many as

difference between

Getting ready

For the activities this week, you will need to prepare the following:

- number frieze and house template for number 7 (page 206)
- 7 cardboard cut-outs of frogs (5 brown and 2 green)
- washing line with number symbol cards 1–7
- 5 number 7 dot, symbol and word cards
- number 7 dot cards with the dots arranged differently on each one
- 7 A5 cards each with a number from 1 to 7 and string to make number necklaces
- playdough flies
- number dot cards 1–7, one set per learner
- playdough template: Number 7 (page 212) – 1 per learner
- playdough – enough for two activities
- 1 paper cup per learner
- a container with bottle tops/beads to fill the cups
- an A4 page per learner with a picture of two jars, labelled with a number symbol between 1 and 7 (see Workstation 2)
- paper cut-outs of different coloured sweets (see Workstation 2)
- number puzzles (1–7).



Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo

Izihloko	Ulwazi olusha	Zejwayeze
<ul style="list-style-type: none"> Bona ubuye uhlonze izimpawu zezinombolo kanye namagama ezinombolo Chaza, uqhathanise, bese uhlela izinombolo 	<ul style="list-style-type: none"> Inombolo 7 Ukubala ngomlomo: ukubala uhlehlle 10–1 Ukubala izinto 1–10 	<ul style="list-style-type: none"> Ukubala ngomlomo: uye phambili 1–20, uhlehlle 7–1 Ukulandelanisa izinombolo 1–6 Okubili(okuthathu okungaphezulu(okuyingcosana Hlanganisa, susa Ukugxilisa umqondo wezinombolo 1–6

6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 4

What you need

- | | |
|---|-----------------|
| • Rhyme: <i>Spaceship</i> (page 200) | • Tambourine |
| • 10 pictures of rockets | • Dot cards 1–8 |
| • 5 chairs with a banknote attached to each | |

1. **Rhyme:** Say the rhyme, *Spaceship*.
2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.

4. **Hlanganisa (yengeza) ku-/susa:** Buka imali engamaphepha esodongeni.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Uma ngisusa imali engamaphepha eyodwa/embili ingaki ezosala odongeni?
- Bamba imali engamaphepha eyisihlanu ngokulandelana esandleni sakho.
- ★ Ngabe iningi/iyingcosana esodongeni noma esesandleni sami?
- ★ Uma ngengeza enye imali eyiphepha kuleyo esesandleni sami ngizobe sengibambe engaki?
- ★ Ibizwa ngamaphi amagama imali engamaphepha esele odongeni?



5. **Ukuhlela 1–8:** Abafundi bahlala endilingeni. Ngokushesha khombisa amakhadi amachashazi 1–8 ukuze abafundi bawahlonze. Nikeza abafundi amakhadi amachashazi, ezithombe, ezimpawu kanye nawamagama. Yima phakathi nendilinga uvale amehlo akho. Phakamisa izingalo zakho zombili bese ujika izandla zakho zikhombe ngaphandle kwesiyingi. Abafundi obakhombie uma usuvula amehlo akho baqondanisa amakhadi abo nezinombolo ezikulayini wokweneka wezinombolo. Phinda, unikeze abafundi abayingcosana ithuba lokukhomba. Abafundi banikezana ithuba ngokubeka amakhadi anezithombe anamachashazi nanezimpawu ngokuhleleka kusuka koku-1–8 kumata.



Imibuzo ekuholayo:

- ★ Iyiphi inombolo ephakathi koku-3 noku-5, ngaphambi koku-8, emva koku-6, okuthathu okuyingcosana kuno-4, okubili okungaphezu koku-5, njalonjalo?
- ★ Sazi kanjani ukuthi isithombe esinezindululamithi ezine kufanele silandele isithombe sobubhibhi obuthathu, njalonjalo?
- ★ Uma sibala ka-2 siqhubeke sisuka ku-3 kungaki esizoba nakho?

6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 4

Okudingayo

- | | |
|--|------------------------------|
| • Umlolozelo: <i>Umkhumbimkhathi</i> (ikhasi 201) | • Isigubhu |
| • Izithombe zamarokhethi eziyi-10 | • Amakhadi anamachashazi 1–8 |
| • Izihlalo eziyisi-5 ezinemali yamaphepha enanyathiselwe kuzo ngasinye | |

1. **Umlolozelo:** Yisho umlolozelo, *Umkhumbimkhathi*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.

 **TIP**

Talk about rockets and spaceships and what learners think it would be like to go to the moon in one of these.

3. **Counting objects 1–10:** Look at the pictures of 10 rockets and 10 spaceships.
- Guiding questions:**
 - ★ Are there more/fewer rockets or spaceships?
 - ★ How many of each do you think there are? Let's count.
4. **Recognition of banknotes:** Place five chairs on the mat, each with a banknote stuck to it. Explain to learners that these are their 'banks'. Explain what a bank is. Learners sit in their class groups next to a chair that is labelled with a banknote, for example, R10, R20. Play the tambourine as they move between the 'banks'. When the music stops they return to their 'bank'. Repeat.
When the music stops, show two notes, for example, R50 and R200. These groups swap places. Repeat.
 - ★ How many learners are sitting in your 'bank'?



5. **Add to/take away:** Talk about the different 'banks'.
- Guiding questions:**
 - ★ If I take two learners away from the 'R100 bank' how many will there be in the bank?
 - ★ If I add one learner to the 'R50 bank' how many will be sitting in this bank?
6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 5

What you need

- | | |
|---|----------------------|
| • Rhyme: <i>Spaceship</i> (page 200) | • Masking tape/chalk |
| • 10 recycled grocery containers, for example, cereal box, yoghurt tub, and so on | • Poster 1 |



1. **Rhyme:** Say the rhyme, *Spaceship*.
 2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
 3. **Counting objects 1–10:** Attach a few containers to the wall and place some on the maths table.
- Guiding questions:**
- ★ How many grocery containers do you see on the table/on the wall?
Count together.
 - ★ Did you estimate too many/too few?



3. **Ukubala izinto 1–10:** Buka izithombe zamarokhethi ayi-10 kanye nemikhumbimkhathi eyi-10.
Imibuzo ekuholayo:
 - ★ Kungabe maningi (ngaphezulu)/ayingcosana amarokhethi noma imikhumbimkhathi.
 - ★ Kungabe kungaki okukhona kwalokho ngakunye uma ucabanga? Asibale.
4. **Ukubona imali engamaphepha:** Beka izihlalo eziyisihlanu kumata, kuleso naleso kunanyathiselwe imali eyiphepha. Chazela abafundi ukuthi iwona ‘amabhange’ abo lawo. Chaza ukuthi yini ibhange. Abafundi bahlala ngamaqembu ekilasi ezihlalweni ezinanyathiselwe imali yamaphepha, njengo-R10, R20. Dlala isigubhu ngesikhathi benyakaza phakathi ‘kwamabhange’ abo. Uma umculo uma, babuyela ‘ebhange’ labo. Phinda. Uma umculo usumile, bakhombise imali yamaphepha embili, isibonelo, R50 kanye no-R200. Amaqembu adedelane ngokushintshana kulezi zindawo. Phinda.
 - ★ Bangaki abafundi abahleli ‘ebhange’ lakho?



5. **Hlanganisa/susa:** Xoxa ‘ngamabhange’ ahlukene.
Imibuzo ekuholayo:
 - ★ Uma ngisusa abafundi ababili ‘ebhange lama-R100’ bangaki abazosala ebhange?
 - ★ Uma ngengeza umfundsi oyedwa ‘ebhange lama-R50’ bangaki abazobe sebehleli kuleli bhange?
6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 5

Okudingayo

- | | |
|---|---|
| • Umlolozelo: <i>Umkhumbimkhathi</i> (ikhasi 201) | isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli, isitsha seyogathi, njalonjalo |
| • Iziqukathi eziyi-10 zegilosa
ezingabuye zivuselelwwe kabusha, | • <i>Itheyiphu yokumboza/ushoki</i>
• <i>Iphosta 1</i> |

1. **Umlolozelo:** Yisho umlolozelo, *Umkhumbimkhathi*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Namathiselwa iziqukathi eziyingcosana odongeni bese ezinye uzibeka etafuleni lezibalo.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Zingaki iziqukathi zokufaka igilosa ozibonayo etafuleni/odongeni? Balani ndawonye.
- ★ Kungabe ulinganisele ngokuningi kakhulu/ngokuyingcosana kakhulu?



4. **Jumping track:** Use masking tape/chalk to create a 1–8 number ladder. Learners take turns to jump as the class counts 1–8. Learners stand on number 5 and jump to number 8.

Guiding questions:

- ★ How many jumps did you make?

5. **Practising 1–4:** Discuss Poster 1. Talk about what learners can see.



Guiding questions:

- ★ What do you see in the picture that you/your family have bought before?
- ★ Do you think there are enough oranges for each person in the family?
- ★ How many more oranges do they need to buy to each have one?
- ★ If there are two small yoghurts in the fridge and each person wants one, how many more will they need to buy?

6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Integration

Home Language: Solve problems and explain solutions.

Life Skills: Beginning Knowledge, Personal and Social Wellbeing.

Small group activities

Teacher-guided activity

What you need

- | | |
|---|---|
| <ul style="list-style-type: none"> • Poster 7 • 5 banknotes (R10, R20, R50, R100, R200) • 8 dough mats | <ul style="list-style-type: none"> • A tub per learner with: <ul style="list-style-type: none"> – 10 structure beads – 8 fruit counters (<i>Resource Kit</i>) |
|---|---|

1. **Problem solving:** Discuss Poster 7.

Guiding questions:

- ★ There are four pineapples on the table. Dad buys three pineapples. How many pineapples will be left on the table?
- ★ Dad buys two bags of oranges. How many oranges does he buy?
- ★ The fruit seller had three watermelons. Now she has one. How many did she sell?

4. **Umgudu wokugxuma:** Sebenzisa itheyiphu yokumboza/ushoki wenze iladi lenombolo 1–8. Abafundi bazonikezana ithuba ngokugxuma ngesikhathi ikilasi libala 1–8.

Abafundi bama kunombolo 5 bese begxumela kunombolo 8.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ugxume kangaki?

5. **Ukuzejwayeza 1–4:** Xoxa ngePhosta 1. Xoxa ngalokho abafundi abangakubona.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Yini oyibonayo esithombeni wena/ umndeni wakho eniyithengile ngaphambilini?
 - ★ Ucabanga ukuthi ngabe amawolintshi anele umuntu ngamunye emndenini?
 - ★ Mangaki amawolintshi amanye okufanele bawathenge ukuze umuntu ngamunye athole elakhe?
 - ★ Uma kunamayogathi amabili amancane esiqandisini futhi umuntu ngamunye edinga ukuthola eyakhe, mangaki amanye ngaphezulu abazodinga ukuwathenga?
6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.



Ukudidiyela

Ulimi Lwasekhaya: Xazulula izinkinga bese uchaza izisombululo.

Amakhono Empilo: Ulwazi Lokuqala, Okuqondene Nomuntu Uqobo kanye Nokuphila Emphakathini.

Imisebenzi yamaqembu amancane

Umsebenzi oholwa uthisha

Okudingayo

- | | |
|---|---|
| <ul style="list-style-type: none"> • Iphosta 7 • Imali yamaphepha e-5 (R10, R20, R50, R100, R200) • Omata benhlama abayisi-8 | <ul style="list-style-type: none"> • Isitsha somfundu ngamunye esinalokhu: <ul style="list-style-type: none"> – Ubuhlalu bokuhlela obuyi-10 – Izinto zokubala eziyizithelo eziyisi-8 (<i>Ikhithi Yezinsiza</i>) |
|---|---|

1. **Ukuxazulula izinkinga:** Xoxa ngePhosta 7.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Kunophayinaphu abane etafuleni. Ubaba uthenga abathathu. Bangaki ophayinaphu abazosala etafuleni?
- ★ Ubaba uthenga amasaka amabili amawolintshi. Mangaki amawolintshi awathengayo?
- ★ Umdayisi wezithelo wayenamakhabe amathathu. Manje usenelilodwa. Mangaki awadayisile?

**TIP**

Encourage learners to show you the total number of beads without counting in ones.

**TIP**

Learners use counters to solve the problems. Ask learners how they got their answers and let them explain their thinking. Learners need time to explain their reasoning and hear the strategies of others in the group.

2. **Structure beads:** Show learners a number of structure beads between 1 and 10, for example, 6, 3, 7, 4 or 8. Flash these for a few seconds, and then hide them away.

Guiding questions:

- ★ How many beads did you see?

Ask learners to show a number of beads between 1 and 6.

3. **Fruit on plates:** Learners use the eight fruit counters from their tubs to solve the problems.

Guiding questions:

- ★ Each fruit needs a plate. How many plates will you need?
- ★ Each plate needs two fruits. How many plates will you need?
- ★ If you have two plates, how many fruits can you put on each plate?

Learners compare and discuss how many fruits they would place on each plate.

4. **Banknotes:** Hide a note under a piece of paper.

Guiding questions:

- ★ The banknote under the paper is green and has a rhino on it. What is this banknote called?

Give learners each a turn to hide and describe a banknote.

**Check that learners are able to:**

- solve problems from 1–8
- recognise, match and describe banknotes

Workstation 1**What you need**

- | | |
|---------------------------|--|
| • Crayons, colour pencils | • A4 cardboard with 3 rectangles – 1 per learner |
| • Banknotes | • A pair of scissors – 1 per learner |

**TIP**

Learners can create their own banknotes that they would like to use, for example, 'on the moon'.

Learners cut out the rectangles. Referring to the banknotes, they create their own banknotes by drawing pictures on both sides and writing a number on one side of each rectangle.



ICEBO
Khuthaza abafundi ukuthi bakukhombise isamba sobuhlalu ngaphandle kokububala ngabunye.

ICEBO
Abafundi basebenzisa izinto zokubala ukuxazulula izinkinga. Buza abafundi ukuthi bazithole kanjani lezo zimpendulo bese ubavumela ukuthi bachaze ukuthi bebecabange kanjani. Abafundi bayodinga isikhathi sokuchaza indlela yokucabanga kwabo bezwe namasu abanye egenjini.

2. **Ubuhlalu bokuhlela:** Khombisa abafundi isibalo sobuhlalu bokuhlela obuphakathi koku-1 nokuyi-10, isibonelo, 6, 3, 7, 4 noma 8. Bukhombise isikhashana, bese ubucashisa.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Bungaki ubuhlalu obubonayo?

Cela abafundi ukuthi bakukhombise isibalo sobuhlalu obuphakathi koku-1 nokuyisi-6.

3. **Izithelo emapuletini:** Abafundi basebenzisa izinto zokubala zezithelo eziyishagalombili eziseziqukathini zabo ukuxazulula izinkinga.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Isithelo ngasinye sidingga ipuleti. Mangaki amapuleti ozowadinga?
- ★ Ipuleti ngalinye lidinga izithelo ezimbili. Mangaki amapuleti ozowadinga?
- ★ Uma unamapuleti amabili, zingaki izithelo ongazifaka epuletini ngalinye?

Abafundi bayaqhathanisa baxoxe ngokuthi zingaki izithelo abangazibeka epuletini ngalinye.

4. **Imali engamaphepha:** Fihla imali eyiphepha ngaphansi kwesiqeshana sephepha.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Imali yephepha engaphansi kwesiqeshana sephepha esiluhlaza satshani inobhejane. Ngabe le mali yephepha ibizwa ngokuthini?

Nikeza abafundi ngamunye ithuba lokufihla bese bechaza imali yephepha leyo.



Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku-:-

- xazulula izinkinga kusukela koku-1–8
- bona, ukuqondanisa bese bechaza imali engamaphepha

Isiteshi sokusebenzela 1

Okudingayo

- | | |
|---|---|
| <ul style="list-style-type: none"> • Amakhrayoni, amapensele anemibala • Imali engamaphepha | <ul style="list-style-type: none"> • Amakhadibodi angu-A4 anonxande aba-3 – oku-1 umfundu ngamunye • Isikelo – esi-1 umfundu ngamunye |
|---|---|

ICEBO
Abafundi bangazenzela izimali zabo zamaphepha abangathanda ukuzisebenzisa, isibonelo, 'enyangeni'.

Abafundi basika bakhipe onxande.

Besuela emalini engamaphepha, bazenzela imali engamaphepha ngokudweba izithombe emacaleni womabili bese bebhala inombolo ecaleni elinye kunxande ngamunye.



Workstation 2

What you need

- Counters
- Dice – 1 per learner
- A4 page – 1 per learner
- Crayons
- Playdough
- Number 2 dot card (from the *Resource Kit*) – 1 per learner

Learners draw a shopping basket on the A4 page. They roll a dice and add two to the number of dots shown on the dice. (They can use a number 2 dot card for support.) They roll this number of balls from playdough and place the balls (fruit) in the basket. They repeat the activity.

Workstation 3

What you need

- A4 tortoise template (page 219) – 1 per learner
- Coloured counters (*Resource Kit*)
- Dot cards 1–8 (*Resource Kit*)
- Crayons

Place the dot cards face down on the table. Learners turn over a dot card. They find the piece of the tortoise's shell with the same number of dots and place the correct number of counters on these dots. They repeat the activity colouring in the dots as they count.



Workstation 4

What you need

- Number symbol and picture cards 1–8 (*Resource Kit*) for each learner
- Braai/salad tongs for each learner
- Wooden blocks

Place number cards face down on the mat. Learners turn a card over and use the tongs to stack the number of blocks shown on the card on top of each other.



Isiteshi sokusebenzela 2

Okudingayo

- Izinto zokubala
- Idayisi – eli-1 umfundi ngamunye
- Ikhasi elingu-A4 – eli-1 umfundi ngamunye
- Amakhrayoni
- Inhlama yokudlala
- Ikhadi elinamachashazi lika Nombolo 2 (kuthathwe kwi-Khithi Yezinsiza) – eli-1 umfundi ngamunye

Abafundi badweba ubhasikidi wokuthenga ekhasini elingu-A4. Bagingqa idayisi bese bengeza okubili emachashazini avezwe idayisi. (Bangasebenzisa ikhadi elinamachashazi lenombolo 2 ukwelekelela.) Bagingqa le nombolo yamabhola enziwe ngenhlama yokudlala bese bebeka amabhola (ezithelo) kubhasikidi. Bayawuphinda lo msebenzi.

Isiteshi sokusebenzela 3

Okudingayo

- Ithempulethi yofudu engu-A4 (ikhasi 219) – e-1 kumfundi ngamunye
- Izinto zokubala eziyimibala (Ikhithi Yezinsiza)
- Amakhadi anamachashazi 1–8 (Ikhithi Yezinsiza)
- Amakhrayoni

Beka amakhadi anamachashazi abheke phansi etafuleni. Abafundi abaphendule ikhadi elinamachashazi. Bathola ucezu lwegobolondo lofudu olunenombolo efana neyamachashazi bese bebeka inombolo efanele yezinto zokubala kula machashazi. Bayawuphinda lo msebenzi bependa amachashazi ngesikhathi bebala.



Isiteshi sokusebenzela 4

Okudingayo

- Amakhadi ezimpawu zezinombolo kanye nezithombe 1–8 (Ikhithi Yezinsiza) komfundi ngamunye
- Okokubamba inyama eyosiwayo/ isaladi komfundi ngamunye
- Amabhulokhi okhuni

Beka amakhadi ezinombolo abheke phansi. Abafundi baphendula amakhadi besebenzisa izinto zokubamba ukunqwabela isibalo esithile samabhulokhi esikhonjiswe ekhadini, elinye libe phezu kwelinye.



Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships

Topics	New knowledge	Practise
<ul style="list-style-type: none"> Describe, order and compare whole numbers Number relationships Number recognition Solving problems in context 	<ul style="list-style-type: none"> Grouping, half Up to three more (using dot cards) Order collections from smallest to biggest 	<ul style="list-style-type: none"> Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–8 Problem solving 1–8 Reinforce number concept 1–8 More, fewer, most, least, equal Two/three more/fewer

New maths vocabulary

half

Getting ready

For the activities this week, you will need to prepare the following:

- small smiley face stickers/cards – 1 per learner
- 36 small animal picture cards, each with a frieze animal (i.e. one card with an elephant, two cards each with one zebra, three cards each with one meerkat, and so on)
- 8 paper/cardboard circle cut-outs (40 cm in diameter)
- 2 small circle cut-outs: red and green
- envelope to fit dot cards
- 8 containers marked 1–8 for animal pictures
- envelopes each with a learner's name and 5 number symbol cards (between 1 and 8) – 1 per learner
- flower centres with numbers 1–8 on them and 30 petals per learner
- small cellophane/tin foil squares to wrap sweets – 30 per pair of learners
- playdough
- 8 small plastic zip-lock bags labelled 1–8 per pair of learners
- blank cards (5 × 5 cm) – 8 per pair of learners
- 4 sets of number symbol cards 1–8.

Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo

Izihloko	Ulwazi olusha	Zejwayeze
<ul style="list-style-type: none"> Chaza, ulandelanise bese uqhathanisa izinombolo eziphelele Ubudlelwano bezinombolo Ukubona izinombolo Ukuxazulula izinkinga ngokwesimo 	<ul style="list-style-type: none"> Ukwenza amaqoqo, uhafu Kufike kokuthathu ngaphezulu (usebenzisa amakhadi anamachashazi) Ukuhlela amaqoqo kusukela kokuncane kakhulu kuya kokukhulu kakhulu 	<ul style="list-style-type: none"> Ukubala ngomlomo: uye phambili 1–20 nangaphezulu, uhlele 10–1 Ukubala izinto 1–10 Ukulandelanisa izinombolo 1–8 Ukuxazulula izinkinga 1–8 Ukugxilisa ulwazi lwezinombolo 1–8 Okuningi, okuyingcosana, okuningi kakhulu, okuncane kakhulu, okulinganayo Kibili/kuthathu okuningi (ngaphezulu)/okuyingcosana

Ulwazimagama olusha olusetshenziswa ezibalweni

uhafu

Ukulungiselela

Emisebenzini yaleli sonto, uzodinga ukulungisa lokhu okulandelayo:

- izitikha/amakhadi amancane obuso obumamathekayo – oku-1 kumfundu ngamunye
- amakhadi amancane angama-36 anezithombe zezilwane, sisinye sibe nefrizi yesilwane (ikhadi eliodwa elinendlovu, amakhadi amabili lilinye libe nedube, amakhadi amathathu ngalinye libe nobubhibhi, njalonjalo)
- amaphepha/amakhadibodi ayisi-8 ezindilinga ezisikwe zakhishwa (ezingu-40 cm ububanzi)
- izindilinga ezi-2 ezincane ezisikwe zakhishwa: ebomvu neluhlaza satshani
- imvilophi ezolingana namakhadi anamachashazi
- iziukathi eziyisi-8 ezimakiwego 1–8 anezithombe zezilwane
- izimvilophi ngayinye enegama lomfundu kanye namakhadi ama-5 ezimpawu zezinombolo (phakathi koku-1 noku-8) – oku-1 umfundu ngamunye
- imaphakathi lezimbali ezinezinombolo 1–8 kuzo namagqebe angama-30 umfundu ngamunye
- izikwele ezincane zeselofeni/zethinifoyili zokugoqa amaswidi – ezingama-30 abafundi ngababili
- inhlama yokudlala
- izikhwama ezincane eziyisi-8 zepulastiki ezinoziphu ezinamalebuli 1–8 kubafundi ngababili
- amakhadi angenalutho (5×5 cm) – ayisi-8 abafundi ngababili
- amasethi ama-4 amakhadi ezimpawu zezinombolo 1–8.

Whole class activities

Day 1

What you need

- Rhyme: *Spaceship* (page 200)
- 10 spaceships each with 10 windows (from Week 9)
- Small smiley face stickers/cards – 1 per learner
- 2 hula hoops
- 8 mouse picture cards
- 2 small circle cut-outs: red and green

1. **Rhyme:** Say the rhyme, *Spaceship* from Week 9.
2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
3. **Counting objects 1–10:** Learners sit in a circle. Together count the spaceships as you place them in a circle on the mat. Hand out a smiley face sticker/card to each learner. Learners take turns to stick their sticker onto the windows of the first/second/third, and so on spaceship. Count 1–10 as they do this.



Explain that learners will continue to put 'people' into the spaceships on other days.



Guiding questions:

- ★ How will we know when the first spaceship has 10 'people' in it?
 - ★ How will we know when we should start putting 'people' into the second spaceship?
 - ★ Do you think we will have enough stickers for the second spaceship?
 - ★ How many spaceships have/still need stickers?
- Count the people in the spaceships together.

4. **Grouping; introducing half:** Give eight learners each a picture of a mouse. Place two hoops on the mat.

Guiding questions:

- ★ How can we make sure that each hoop has the same number of mice?
- Learners put four mice in one hoop and four mice in the other hoop. Explain that when we put the same number of mice in each hoop, we say that half of the mice are in the one hoop and half of the mice are in the other hoop.



The mouse pictures can be attached to a crown to add a fun element.



Imisebenzi yekilasi lonke

Usuku 1

Okudingayo

- **Umlolozelo:** *Umkhumbimkhathi* (ikhasi 201)
- **Imikhumbimkhathi eyi-10** ngamunye ube namawindi ayi-10 (kuthathwa eSontweni 9)
- **Izitikha/amakhadi amancane** anobuso obumamathekayo – oku-1 umfundi
- **Amahulahuphu ama-2**
- **Amakhadi ezithombe zamagundane ayisi-8**
- **Izindilinga ezi-2 ezincane ezisikwe zakhishwa:** ebomvu kanye neluhlaza satshani

1. **Umlolozelo:** Yisho umlolozelo, *Umkhumbimkhathi* uthathwa oSontweni 9.

2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.

3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi bahlala babe indilinga. Behlangene babala imikhumbimkhathi ngesikhathi uyibeka ibe yindilinga kumata. Nikeza umfundi ngamunye isitikha/ikhadi lobuso obumamathekayo. Abafundi banikezana ithuba ngokunamatelisa izitikha zabo emawindini omkhumbimkhathi, elokuqala/elesibili/elesithathu, njalonjalo. Bala 1–10 besenza lokhu.



Imibuzo ekuholayo:

- ★ Siyokwazi kanjani lapho umkhumbimkhathi wokuqala 'usunabantu abayi-10'?
- ★ Singazi kanjani ukuthi singaqala nini ukufaka 'abantu' kumkhumbimkhathi wesibili?
- ★ Uma ucabanga singaba nazo izitikha ezanele umkhumbimkhathi wesibili?
- ★ Mingaki imikhumbimkhathii esinazo/esazidinga izitikha? Bala abantu abakumikhumbimkhathi sebehlangene.

4. **Ukwakhiwa kwamaqembu; ukwethula uhfatu:** Nika abafundi abayisihiyagalombili ngamunye isithombe segundane. Beka amahulahuphu amabili kumata.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Singenza kanjani ukuqiniseka ukuthi ihulahuphu ngayinye inesibalo esilinganayo samagundane?
- Abafundi bafaka amagundane amane kwihiulahuphu eyodwa namanye amane kule enye. Chaza ukuthi uma sifaka isibalo esilinganayo samagundane kwihiulahuphu ngayinye, sithi uhfatu wamagundane ukwihiulahuphu eyodwa nomunye uhfatu wamagundane ukwenye ihulahuphu.



Chazela abafundi ukuthi baqhubeke nokufaka 'abantu' kumkhumbimkhathi ngezinye izinsuku.



Izithombe zegundane zingananyatheliswa emqheleni ukwengeza ihlayana.



Play this rain game. Learners who are sitting in the circle pat the floor to make the sound of raindrops. The eight learners skip around and between the hoops through the rain. When you show a red circle, the rain stops. Half of the learners stand in one hoop and half in the other hoop. Show the green circle for the rain to start again.


- Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 2

What you need

- 10 spaceships
- Smiley face stickers/cards – 1 per learner
- Song: *Eight elephants* (page 200)
- 36 animal picture cards
- Prestik
- 2 circle cut-outs

- Song:** Sing the song, *Eight elephants*. Refer to the number frieze as you sing. Dramatise verses 1 and 2.



- Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
- Counting objects 1–10:** Repeat the activity from Day 1. Learners take turns to stick their sticker/card onto the windows of the spaceships.
- Grouping; half:** Repeat the activity from Day 1 using the six duck picture cards. Then do the activity with five monkey picture cards.

Guiding questions:

- ★ Can half of this group of monkeys stand in one hoop and half in the other?
 - ★ Why not?
 - ★ Where will one monkey have to stand?
- Repeat with other animal groups.

- Grouping; half – pictures:** Place two circle cut-outs on the wall. Give eight learners each a mouse card.

Guiding questions:

- ★ Can you put half the mice into one circle and half the mice into the other circle?
- Repeat with the activity with the seven frog picture cards.

Guiding questions:

- ★ Why can't we put half of this group of frogs into each circle?

- Small group activities:** Describe the activities at each workstation.



Place the different animal cards in containers and put a tub of Unifix blocks on the maths table. Learners can arrange the Unifix blocks in groups to match the number of animals in each container.

Dlala lo mdlalo wemvula. Abafundi abahleli baba yindilinga bashaya phansi ukwenza umsindo wamaconsi emvula. Abafundi abayisishiyagalombili bagxuma yonke indawo naphakathi kwamahulahubhu emvulen. Uma ubakhombisa indilinga ebomvu, imvula iyanqamuka. Abafundi abanguhhafu bama kwihiulahubhu eyodwa omunye uhhafu ube kwenye ihulahubhu. Bakhombise indilinga eluhlaza satshani ukukhombisa ukuqala kwemvula futhi.

- Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 2

Okudingayo

- Imikhumbimkhathi eyi-10
- Izitikha/amakhadi obuso obumamathekayo – oku-1 umfundi ngamunye
- Iculo: *Izindlovu eziyisishiyagalombili* (ikhasi 201)
- Amakhadi anezithombe zezilwane angama-36
- Iphrestikhi
- Izindilinga ezisikwe zakhishwa ezi-2

1	
•	kunye
2	
••	kubili
3	
•••	kuthathu
4	
••••	kune
5	
•••••	kuhlantu
6	
••••••	isithupha
7	
•••••••	isikhombisa
8	
••••••••	esiyagalombili



Beka amakhadi ezilwane ehlukene eziqukathini bese ubeka isitsha samabhulokhi axhumekayo etafuleni lezibalo. Abafundi bangahlela amabhulokhi axhumekayo ngamaqoqo ukuqondanisa nenombolo yezilwane esiqukathini ngasinye.

- Iculo:** Cula iculo, *Izindlovu eziyisishiyagalombili*. Bhekisa efrizini yezinombolo ngenkathi ucula. Lingisa amavesi 1 no-2
- Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
- Ukubala izinto 1–10:** Phinda umsebenzi othathwe oSukwini 1. Abafundi banikezana ithuba lokunamatelisa izitikha/amakhadi abo emawindini omkhumbimkhathi.
- Ukwakhiwa kwamaqembu; uhhafu:** Phinda umsebenzi othathwe oSukwini 1 usebenzise amakhadi anezithombe zamadada ayisithupha. Bese-ke wenza lo msebenzi ngamakhadi anezithombe zezinkawu ayisihlanu.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ngabe uhhafu weqembu lezinkawu ungakwazi ukuma ehuphini eyodwa bese nomunye uhhafu ube kwenye?
- ★ Kungenzeke ngani lokho?
- ★ Ingama kuphi inkawu eyodwa?

Phinda ngamanye amaqembu ezilwane.

- Ukwakhiwa kwamaqembu; uhhafu – izithombe:** Beka odongeni izindilinga ezimbili ezisikiwe zakhishwa. Nika abafundi abayisishiyagalombili ngamunye ikhadi legundane.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ungakwazi ukufaka uhhafu wamagundane endilingeni eyodwa bese omunye uhhafu wamagundane uwufake kwenye indilinga? Phinda lo msebenzi ngamakhadi anezithombe zamasele ayisikhombisa.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Kungani singeke safaka uhhafu weqembu lamasale endilingeni ngayinye?

- Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Day 3

What you need

- 10 spaceships
- Smiley face stickers/cards – 1 per learner
- Song: *Eight elephants* (page 200)
- Game: I wrote a letter to my friend (page 200)
- 30 number symbol, dot, picture and word cards 1–8 (*Resource Kit*)
- Envelope with two dot cards 1–4 (*Resource Kit*)

1. **Song:** Sing the song, *Eight elephants*. Dramatise verses 3 and 4.
2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
3. **Counting objects 1–10:** Repeat the activity from Day 1. Learners take turns to stick their sticker/card onto the windows of the spaceships.

Guiding questions:

- ★ How many spaceships still need people in them?
- ★ How many already have ten people in them?
- ★ Do you think we will finish putting people into the ten spaceships tomorrow?
- ★ Why do you say that?

Count the people in each of the ‘completed’ spaceships 1–10.



TIP
This game is best played outside so that learners have the space to run around the circle.

4. **Practising 1–8, dot cards game:** Learners sit in a circle. Hand out a number symbol or word card from 1 to 8 to each learner. Play the game, I wrote a letter to my friend. Place two number dot cards between 1 and 4 into an envelope. One learner walks around the outside of the circle as the class says the rhyme. The learner drops the envelope behind another learner and runs around the circle. After chasing the learner who dropped the envelope, the learner who picked up the envelope opens it. She/he holds up one card, then the other card and then both cards. Ask all learners these questions:

- ★ Who has a number that matches the number of dots on the card that _____ is holding?
- ★ Who has a number that matches the number of dots on both the cards that _____ is holding put together?

Learners hold their number symbol or word cards above their heads and say the number.

Change the dot cards in the envelope. Learners play the game, I wrote a letter to my friend, again.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Usuku 3

Okudingayo

- Imikhumbimkhathi eyi-10
- Izitikha/amakhadi obuso obumamathekayo – oku-1 umfundi ngamunye
- Iculo: *Izindlovu eziyisishiyagalombili* (ikhasi 201)
- Umdlalo: Ngabhalela umngani wami incwadi (ikhasi 201)
- Amakhadi angama-30 ezimpawu zezinombolo, amachashazi, izithombe kanye namagama 1–8 (*Ikhithi Yezinsiza*)
- Imvilophi enamakhadi amabili anamachashazi 1–4 (*Ikhithi Yezinsiza*)

1. **Iculo:** Cula iculo, *Izindlovu eziyisishiyagalombili*. Lingisa amavesi 3 no-4.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Phinda umsebenzi othathelwe oSukwini 1. Abafundi banikezana ithuba lokunamathisela izitikha/amakhadi abo emawindini omkhumbimkhathi.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Mingaki imikhumbimkhathi esadinga abantu kuyona?
- ★ Mingaki esinabantu abayishumi kuyona?
- ★ Ucabanga ukuthi sizoqeda ukufaka abantu kule mikhumbimkhathi eyishumi kusasa?
- ★ Lokho ukusho ungani?

Bala abantu kumkhumbimkhathi ngamunye kule 'esiphelele' 1–10.

4. **Ukuzejwayeza 1–8, umdlalo wamakhadi anamachashazi:** Abafundi bahlala endilingeni. Banikeze amakhadi ezimpawu zezinombolo noma amagama kusukela koku-1 kuya kokuyisi-8 umfundi ngamunye. Dlala umdlalo othi, Ngabhalela umngani wami incwadi. Beka amakhadi ezinombolo anamachashazi amabili phakathi koku-1 noku-4 emvilophini. Umfundi oyedwa uhamba ngaphandle kwendilinga ngenkathi iklasi liqhubeke nokusho umlolozelo. Umfundi uqathaza imvilophi ngemuva komunye umfundi bese egijima azungeze indilinga. Emva kokuxosha lo mfundi oqhathaze imvilophi, umfundi oyicoshile imvilophi uyayivula. Uzobe esephakamisa ikhadi elilodwa, abuye aphakamise naleli elinye, awaphakamise omabili. Buza abafundi bonke le mibuzo:
 - ★ Ubani onenombolo eqondene nale nombolo esekhadini elinamachashazi u_____ alibambile?
 - ★ Ubani onenombolo eqondene nenombolo yamachashazi asemakhadini omabili u_____ awaphakamisile?
- Abafundi babamba amakhadi ezimpawu zezinombolo noma amagama phezu kwamakhanda abo bese besho inombolo.
- Shintsha amakhadi amachashazi asemvilophini. Abafundi baphinde badlale umdlalo othi, Ngabhalela umngani wami incwadi futhi.
5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.



Lo mdlalo udlaleka
kahle kakhulu
ngaphandle ukuze
abafundi babe
nesikhala sokugijima
bazungeze indilinga.

Day 4

What you need

- Song: *Eight elephants* (page 200)
- Game: I wrote a letter to my friend (page 200)
- Envelope with two dot cards 1–4 (*Resource Kit*)
- Blanket (size depends on available space)
- Number line
- 8 containers marked 1–8, with animal picture cards inside
- Number picture cards 1–8 (*Resource Kit*)
- 8 circle cut-outs

1. **Song:** Sing the song, *Eight elephants*. Dramatise verses 5 and 6.

2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.

3. **Counting objects 1–10:** Place the blanket on the mat. Learners sit around the edge.

Guiding questions:

- ★ Can you put 10, 3, 7 fingers; 2 feet; 5 toes on the blanket?

Ask ten learners to put one finger each onto the blanket; ten learners to put one foot onto the blanket; ten learners to put one hand onto the blanket, and so on.

- ★ How many fingers/hands/feet are on the blanket now?

4. **Practising 1–8:** Repeat the game, I wrote a letter to my friend, from Day 3. Learners show the number symbol on the number line to represent the total number of dots of the two cards in the envelope.

Guiding questions:

- ★ Is this number before or after 8/5, and so on?

5. **Ordering collections; smallest to biggest:** Place containers 1–8 with picture cards randomly on the mat. Learners each take an animal card from the eight containers. Place eight circle cut-outs randomly on the mat. Hold up a number picture card and place it next to one of the circles. Learners with matching animal cards place their cards on that circle.



Guiding questions:

- ★ Which group of animals has the least/most cards?
- ★ Which groups have fewer/more cards in them than the monkey card group?
- ★ Which group has a few/many cards?
- ★ How can we arrange these groups of cards from the group with the fewest cards/the smallest group, to the group with the most cards/the biggest group?

Learners give suggestions as you order the groups.

Muddle the order that the containers are placed in.

Usuku 4

Okudingayo

- Iculo: *Izindlovu eziyisishiyagalombili* (ikhasi 201)
- Umdlalo: Ngabhalela umngani wami incwadi (ikhasi 201)
- Imvilophi enamakhadi amabili anamachashazi 1–4 (*Ikhithe Yezinsiza*)
- Ingubo yokulala (ubungako bayo buzoya ngobukhulu bendawo ekhona)
- Umugqa wezinombolo
- Izitsha eziyisi-8 ezimakiwe 1–8, ezinamakhadi anezithombe zezilwane phakathi
- Amakhadi ezinombolo anezithombe 1–8 (*Ikhithe Yezinsiza*)
- Izindilinga eziyisi-8 ezisikiwe zakhishwa

1. **Iculo:** Cula iculo, *Izindlovu eziyisishiyagalombili*. Lingisa amavesi 5 no-6.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Beka ingubo yokulala kumata. Abafundi bahlale ngasonqenqemeni.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ungayifaka iminwe eyi-10, 3, 7; izinyawo ezi-2; izinzwane eziyisi-5 engubeniyokulala?

Cela abafundi abayishumi ukuba emunye afake umunwe owodwa engubeniyokulala; abafundi abayishumi emunye afake unyawo olulodwa engubeniyokulala; abanye abayishumi emunye afake isandla esisodwa engubeniyokulala, njalonjalo.

- ★ Mingaki iminwe/izandla/izinyawo ezsengubeni yokulala manje?

4. **Ukuzejwayeza 1–8:** Phindaphinda lo mdlalo othi, Ngabhalela umngani wami incwadi, kuthathwe oSukwini 3. Abafundi abakhombise izimpawu zezinombolo ezsengubeni wezinombolo ukumela inombolo ephelele yamachashazi kumakhadi amabili asemvilophini.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Le nombolo ingaphambi noma ngemuva kuka-8/5, njalonjalo?

5. **Ukuhlela amaqqo; okuncane kakhulu kuya kokukhulu kakhulu:** Beka iziqukathi 1–8 ezinamakhadi anezithombe ngokungahleliwe nje kumata. Abafundi ngamunye akathathe ikhadi lezilwane eziqkathini eziyisishiyagalombili. Beka izindilinga ezisikiwe zakhishwa eziyisishagalolunye ngokungahlelekile kumata. Phakamisa ikhadi lezinombolo eziqkathini bese ulibeka eduze kwendilinga eyodwa. Abafundi abanamakhadi aqondene namakhadi anezilwane bawabeka kuleyo ndilinga.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Iliphi iqembu lezilwane elinamakhadi ayingcosana kakhulu/amaningi kakhulu?
- ★ Impafi amaqqembu anamakhadi ayingcosana/amaningi kuneqembu elinamakhadi anezinkawu?
- ★ Iliphi iqembu elinamakhadi ayingcosana/amaningi?
- ★ Singawahlela kanjani la maqqo amakhadi kusukela eqoqwensi elinayingcosana kakhulu/eqoqwensi elincane, kuya eqoqwensi elinamakhadi amaningi kakhulu/eqoqwensi elikhulu?

Abafundi babeka imibono yabo ngesikhathi uhlela amaqqembu.

Didanisa uhlelo lwendlela iziqukathi ezibekwe ngayo emaqenjini.



Guiding questions:

- ★ What must I do to put the containers into the same order as the groups in the circles?
- ★ Should they be in the same order? Why?

6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Day 5**What you need**

- | | |
|--|------------------------------------|
| • Song: <i>Eight elephants</i> (page 200) | • A set of dot cards 1, 2, 3 and 4 |
| • Game: I wrote a letter to my friend (page 200) | (Resource Kit) |
| • Envelope with two dot cards 1–4 (Resource Kit) | • Masking tape/chalk |

1. **Song:** Sing the song, *Eight elephants*. Dramatise verses 7 and 8.
2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
3. **Counting objects 1–10:** Repeat the activity from Day 4.
4. **Jumping track:** Use masking tape/chalk to create a number 1–8 ladder. Learners jump as the class counts 1–8.

Guiding questions:

- ★ Can you stand on number 7 and jump back to number 1, and so on?
5. **Practising 1–8; addition; most/least:** Repeat the game, I wrote a letter to my friend, from Day 3 using number symbol, picture and dot cards 1–8 and two dot cards in an envelope.

When the learner shows two dot cards from the envelope, use three other dot cards to represent the same total, for example, two dots and five dots can also be shown as one dot, four dots and two dots, and so on.

Guiding questions:

- ★ Which of these three cards has the most/least dots?
- ★ Which has fewer than this one?
- ★ How many fewer does it have?

Hold up one dot card.

- ★ If we add the dots on this card to the dots on the cards that _____ is showing us, how many dots are there altogether?
- ★ Who has a number card that matches this number?

6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

Integration

Home Language: Emergent Writing.

Life Skills: Creative Arts (visual and performing arts).



The three cards must only add up to a total of eight.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ngingenzani ukumisa iziqukathi ngohlelo olufanayo nolwamaqembu aseziyingini?
- ★ Kufanele yini ukuba zihleleke ngokulandelana okufanayo? Usho ngani?

6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Usuku 5**Okudingayo**

- | | |
|---|--|
| <ul style="list-style-type: none"> • Iculo: <i>Izindlovu eziyisishiyagalombili</i> (ikhasi 201) • Umdlalo: Ngabhalela umngani wami incwadi (ikhasi 201) | <ul style="list-style-type: none"> • Imvilophi enamakhadi amabili anamachashazi 1–4 (Ikhithi Yezinsiza) • Isethi Yamakhadi anamachashazi 1, 2, 3 kanye no-4 (Ikhithi Yezinsiza) • Itheyiphu yokumboza/ushoki |
|---|--|

1. **Iculo:** Culani iculo, *Izindlovu eziyisishiyagalombili*. Lingisan ivesi 7 kanye no-8.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Phinda umsebenzi othathwe oSukwini 4.
4. **Umgudu wokugxuma:** Sebenzisa itheyiphu yokumboza/ushoki ukwenza iladi lezinombolo 1–8. Abafundi bayagxuma ngesikhathi ikilasi libala 1–8.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ungama yini kunombolo 7 bese ugxumela kunombolo 1, njalonjalo?
5. **Ukuzejwayeza 1–8; ukuhlanganisa; okuningi kakhulu/okuncane kakhulu:** Phinda lo mdlalo othi, Ngabhalela umngani wami incwadi, othathwe oSukwini 3 usebenzisa izimpawu zezinombolo, izithombe kanye namakhadi anamachashazi 1–8, kanye namakhadi amabili anamachashazi asemvilophini.

Uma umfundsi ekhombisa amakhadi amabili anamachashazi asemvilophini, sebenzisa amanye amakhadi amathathu anamachashazi ukumela isamba esifanayo, isibonelo, amachashazi amabili kanye namachashazi ayisihlanu angakhonjiswa njengechashazi elilodwa, amachashazi amane, kanye namachashazi amabili, njalonjalo.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Imaphi kula makhadi amathathu anamachashazi amanangi kakhulu/ amancane kakhulu?
 - ★ Yiliphi elinayingcosana kunaleli?
 - ★ Ayingcosana ngamangaki?
- Phakamisa ikhadi elilodwa elinamachashazi.
- ★ Uma sengeza amachashazi kuleli khadi kumachashazi asekhadini lawo u_____ asikhombisa lona, mangaki amachashazi uma esewonke?
 - ★ Ubani onekhadi lezinombolo eliqondana nale nombolo?
6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

Ukudidiyela

Ulimi Lwasekhaya: Ukubhala Kokuqala.

Amakhono Empilo: Ubuciko Bokusungula (ubuciko obubonakalayo nokulingisa).



Small group activities

Teacher-guided activity

What you need
<ul style="list-style-type: none"> • Poster 5 • Container with coloured counters • Number dot, picture, symbol cards 1–8 (<i>Resource Kit</i>) • A tub per learner with: <ul style="list-style-type: none"> – Between 1 and 10 counters – Symbol, word cards 1–8 (<i>Resource Kit</i>) • 2 plastic lids per learner

1. **Problem solving:** Discuss Poster 5. Talk about the stones in the river.

Guiding questions:

- ★ How could you cross the river if you didn't want to wet your shoes?
- ★ How many stones do you see in the river?
- ★ Mom walks across half of the stones. How many stones does she still need to cross?

2. **More/fewer, most/least, equal:** Sit on a blanket. Learners place their counters in a pile in front of them. Pretend you are having a picnic and that the counters are sweets.

Guiding questions:

- ★ Who has the most/least sweets?
- ★ Who has more than four/fewer than five sweets?
- ★ Can you show me six sweets, fewer/more than six sweets?
- ★ Do any of you have the same number of sweets?
- ★ Can you make two groups with half your sweets in each group?

Repeat with other numbers.

3. **Counting objects:** Can you see anything in Poster 5 that matches the number of sweets you have?

4. **Practising 8 – dot, picture and symbol cards:** Show the learners the dot cards one at a time. Each learner has a turn to call out the number each card represents and point to a number symbol or picture card that matches.

5. **Practising 8 – number symbols, number words and counters:**

Learners arrange their number symbol and word cards in order from smallest to biggest (1–8) with counters (sweets) to match.

Guiding questions:

- ★ Which group has 7, 5, 8 sweets?
- ★ Which group of sweets has three fewer than/two more than the one with six sweets?
- ★ Which group has the most/least sweets?



Imisebenzi yamaqembu amancane

Umsebenzi oholwa uthisha

Okudingayo

- | | |
|---|--|
| <ul style="list-style-type: none"> • Iphosta 5 • Isiqukathi esinezinto zokubala eziyimbala • Amakhadi ezinombolo anamachashazi, izithombe nezimpawu 1–8 (<i>Ikhithi Yezinsiza</i>) | <ul style="list-style-type: none"> • Isitsha kumfundu ngamunye esinalokhu: <ul style="list-style-type: none"> – Izinto zokubala eziphakathi koku-1 kanye nokuyi-10 – Amakhadi ezimpawu amagama 1–8 (<i>Ikhithi Yezinsiza</i>) • Izivalo ezi-2 zepulastikhi umfundu ngamunye |
|---|--|

1. **Ukuxazulula izinkinga:** Xoxa ngePhosta 5. Khuluma ngamatshe asemfuleni.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ungawuwela kanjani umfula uma ungafuni ukumanzia izicathulo zakho?
- ★ Mangaki amatshe owabona emfuleni?
- ★ Umama uhambe wadlula uhfafu wamatshe. Mangaki amatshe okusafanele awadlule?

2. **Okuningi ngaphezulu/okuyingcosana, okuningi kakhulu/okuncane kakhulu, okulinganayo:** Hlala engubeniyokulala. Abafundi babeka izinto zokubala zabo zibe yinqwaba ngaphambi kwabo. Yenzani sengathi ninephikinikhi kanti izinto zokubala zingamaswidi.

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ubani onamaswidi amanangi kakhulu/amancane kakhulu?
- ★ Ubani onamaswidi angaphezulu kwamane/ayingcosana kunamaswidi ayisihlanu?
- ★ Ugangikhombisa amaswidi ayisithupha, ayingcosana/angaphezulu kwayisithupha?
- ★ Ukhona kinina onesibalo esifanayo samaswidi?
- ★ Ungawenza amaqoqo amabili ngohhafu wamaswidi akho eqoqwени ngalinye?

Phinda ezinye izinombolo.

3. **Ukubala izinto:** Kukhona okubonayo kwiPhosta 5 okuqondana nesibalo samaswidi onawo?

4. **Ukuzejwayeza 8 – amakhadi anamachashazi, izithombe nezimpawu:** Khombisa abafundi amakhadi anamachashazi, ngalinye ngesikhathi esisodwa. Umfundu ngamunye unikezwa ithuba lokubiza inombolo emelwe ikhadi ngalinye bese ekhomba uphawu lwenombolo noma ikhadi elinezithombe ezhambelanayo.

5. **Ukuzejwayeza 8 – izimpawu zezinombolo, amagama ezinombolo, nezinto zokubala:** Abafundi bahlela izimpawu zezinombolo kanye namakhadi anamagama kusukela kwencane kakhulu kuya kwenkulu kakhulu (1–8) kuqondane nezinto zokubala (amaswidi).

Imibuzo ekuholayo:

- ★ Iliphi iqoqo elinamaswidi ayi-7, 5, 8?
- ★ Iliphi iqoqo lamaswidi elinamaswidi ayingcosana ngamathathu/angaphezulu ngamabili kunaleli qoqo elinamaswidi ayisithupha?
- ★ Iliphi iqoqo elinamaswidi amanangi kakhulu/amancane kakhulu?



